


NINGESABI

 Kumnandi ukubuyela ebandleni leNkosi, kulobubusuku, ngalobubusuku bangoMgqibelo lapho ububi obungaka buqhubeka, njalo, ubusuku bangoMgqibelo ngubusuku uSathane abubambayo. Kodwa ukubona abantu besayithanda iNkosi ngokwenele ukuba baphume, baYikhonze, lokho kuyamangalisa, ngiyakuthakasela ngempela lokho, ngiyawuthakasela umusa wenu.

² Futhi manje, kusasa ekuseni, manje, nonke nina zivakashi lapha, lapho . . . yenzani indlela yenu eya kwamanye alamabandla amahle, alapha nge, amele lomhlangano. Futhi uma uvakashile lapha, ngani, thatha nje ibandla lakho lokuzikhethela, kunamahlelo amaningi ehlukenene, futhi—futhi nje nithathe indawo yenu kuSonto sikole, bayojabula kakhulu ukuba nani.

³ Bese kuthi-ke kusasa ntambama, ngicabanga ukuthi ngelesibili nqo siqala izinkonzo. Futhi ngicabanga ukuthi bawukhipha kuqala ngelesithathu, futhi bayazi ukuthi ngingumshumayeli owuhlobo oluthemelezayo, ngakho ngicabanga ukuthi besaba futhi bakuhlela ukuze sizofika enkonzweni kusasa ebusuku. Ngakho, fikani ngelesibili nqo kusasa ntambama, futhi khona-ke sizozama ukuphuma ngesikhathi ukuze nikwazi ukuya ekhaya futhi nibe nokwenu . . . Kuyini phezulu lapha na? Ngabe *yisidlo sakusihlwa* phezulu lapha noma *idina* na? Hhe? Ngi—ngikuthola konke lokho kuxovekile. Niyabo, kimi bekuzoba *yisidlo sakusihlwa*. Uma—uma ngi—uma ngibe nedina lami ngalesosikhathi ngosuku, khona-ke ngizoba nini nokudla kwami kwakusihlwa na? Niyabo? Ngi—ngi—ngiphuthelwa ukudla ndawondawo, ngi—ngiyakuthanda nje, *isidlo sakusihlwa*.

⁴ Bathi, “Yiphutha lelo, Mfowethu Branham.” O, qhabo, lokho kungokomBhalo, awulithathi neze *idina* leNkosi, uthatha *isidlo sakusihlwa* seNkosi. Kunjalo. Kwakungekho—kungekho dina, lutho ngakho, kwakuyisidlo sakusihlwa seNkosi. Lezindlela eziwubukhazikhazi abanazo kulezizinsuku azibambisani neBhayibheli, niyabo, ezindleleni zethu ezindala zaseKentucky ezansi lapho, lapho sivela khona. O, sinedina, isidlo sasekuseni, nesidlo sakusihlwa. Futhi ngakho, kusasa ntambama . . .

⁵ Kukhona okungahambanga kahle ndawondawo ngakho, awu, uma nginephutha, nje ngi, ngakhuliswa ngokungesikho nje, niyabo, ngiqagele. Ngakho kwakuyidina, isidlo sasekuseni, nesidlo sakusihlwa endlini yethu, uPop uyangena . . . Ukudla kwasekuseni, idina, nesidlo sakusihlwa, kunjalo, ngangazi ukuthi kwakukhona okungalungile ndawondawo, ngasho into

ethize. Umkami, wathi, “Ungasho izinto eziningi kabi.” Futhi kunjalo, uqinisile impela kulokho.

⁶ Ezinye izimemezelo: Uma ibandla lakho lingenayo inkonzo, ngesinye isikhathi ngeviki elizayo, sizobe siphezulu lapha e-Ohio, e, noMfowethu Sullivan nabo, lapho esike saba khona izikhathi eziningi kakhulu. Ngicabanga ukuthi kuseHholo elikhulu likaMasipala lapho, futhi singajabula kakhulu ukuba nani.

⁷ Manje, ake sibone, igama lalodolobha yiMiddletown. Ngifuna ukulibiza ngeMilltown, yilapho iNkosi yenza khona isimangaliso esikhulu kanye ngenkathi ngangelusa ibandla lamaBaptisti khona, eMilltown. Kodwa yiMiddletown, bengilibhale ngokuthi iMilltown, kodwa iMiddletown, e-Ohio, futhi singajabula ukuba nani laphaya. Bese kuthi-ke, kodwa uma ibandla lakho linenkonzo, manje, hlala endaweni yakho yomsebenzi.

⁸ Ngikholwa ukuthi ngiyamazi umshumayeli ohlezi lapha, lowo nguMfowethu Hall, akunjalo, ovela ezansi eTennessee na? Kwenzekile nje ngakubona lapho, Mfowethu Hall. INkosi ikubusise. Ngiyajabula ukukubona lapho.

⁹ Futhi ngicabanga ukuthi ohlezi ngale olandelayo ngomunye wabafowethu, ubesezingxoxiswaneni zangasese kulokhu ukusa. Ngabe kunjalo na? Ngale, okwesibili lapho, lokho...? Ngicabangile, ngimbonile.

¹⁰ Niyabo, sinezingxoxiswano zangasese. Ungahle uzibuze ukuthi bafika kanjani, kodwa kukhona cishe amakhulu ayisithupha ohlwini olulindile manje. Hhayi nje avela edolobheni elilodwa. Uma kukhona nje idolobha elilodwa... Lokhu kusemhlabeni wonke, abantu bavela emhlabeni wonke jikelele, futhi basayina izinyanga nezinyanga nezinyanga ngaphambi kwesikhathi ukuba bangene. Abantu okufanele azi ukuba aqhubeke, ukuthi liyini iZwi leNkosi kubo. Futhi sitholana nabo, futhi nje sihlale nabo ngqo ize iNkosi ikhulume futhi ibatshela abafanele bakwenze.

¹¹ Manje, wena uthi, “Lokho yi—lokho yi...” Ngani, impela lokho kungokomBhalo, kunjalo impela. Futhi, kusobala, siyaqonda ukuthi lesi yisikhundla sobuprofethi, engingazisho ukuthi ngiyinoma yimuphi umprofethi weNkosi, kodwa nokho, Ingivumele ngithole izinto, futhi ingitshela izinto ukuba ngizitshela abantwana baYo ukubasiza; Ayikaze ingihlulekise namanje.

¹² Isibonelo nje, lendoda ehlezi khona *lapha* kulokhu ukusa... Manje bafika endaweni... Nabanye ulapha, futhi, bona, abanye babo bayabhala bese bethola lezizimemo ukuthi lapho siseduze kwedolobha, awu khona-ke, baletha lezizimemo, nonobhala wasensimini ufanele abaqonde labo, ngoba sibenzele isithembiso, futhi sibangenisa emini, futhi yingakho ngizela

inkonzo ebusuku, vele imibono eminingi kakhulu, icishe ikubulale nje.

¹³ Futhi ungabuza noma yimuphi wabo osemihlanganweni okulezo zingxoxiswano zangasese, ukuthi uMoya oNgcwele ufika kanjani futhi ukhiphe izinto, okungekho-muntu owaziyo ngaphandle kukaNkulunkulu yedwa. Izinto, utshela abantu lokho, emuva ngenkathi besengabantwana abancane, futhi lokho kwe-lokho kwehlukile kunalokho okuyikho lapha emsamu.

¹⁴ Lapha emsamu, khona nje, ubona into ethize nje, futhi uyikhulume, futhi uqhubeke, ngoba ufanele uthole olandelayo. Kodwa ngalendlela lapho uthola mhlawumbe ababili noma abathathu ngosuku, ukuhamba kosuku, khona-ke hlala lapho nje uMoya oNgcwele uze wembule yonke into. Abadingekile ukuba basho nelilodwa izwi, Uyabatshela, qobo lwaWo, ukuthi benzeni, nhloboni yenkathazo abakuyo, ukuthi bafanele benzeni, futhi ubatshela emuva empilweni yabo, ubatshela okwenziwe, kanjalonjalo.

¹⁵ Bangaki oseke waba kulezozingxoxiswano, uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso na? Phakamisani izandla zenu, obe, yebo, niyabo, kunabaningana babo lapha. Nalomfo waphakamisa isandla sakhe, nabanye, selokhu sibe lapha.

¹⁶ Kubuyela emuva ngqo ebuntwaneni futhi kukuvuse ngqo, kukutshela lapho wenza amaphutha akho nokuthi ini. Uma uqotho phambi kweNkosi, futhi Inginika khona, manje, yileyo ndlela kuphela engingakwenza ngayo, angikulawuli, kuyangilawula, niyabo, ku-kuthatha wena ukuba ukukholwe.

¹⁷ Kodwa kunezikhathi eziningi ukuthi abantu bangena enkathazweni enjalo, siyazi into yokuqala, uma iZwi likaNkulunkulu lizokuxazulula, hlala khona lapho neZwi likaNkulunkulu, ngoba lelo yiZwi likaNkulunkulu. Kodwa manje, uma-ke wenze iphutha elithile empilweni, noma wenze into ethize, noma ungazi ukuthi wenzeni, bese kuthi-ke, awazi ukuthi iyini intando yeNkosi na? Niyabo? Khona-ke unelungelo lokuza futhi ucele Yena.

¹⁸ Niyakhumbula ngesinye isikhathi eBhayibhelini kwakukhona, ngikholwa ukuthi kwakuyindodana kaJese, eyayilahlekelwe, uJese wayelahlekelwe yiminyuzi, yayihambile na? Bathi, “Besiyokwehlela kumboni uma besinesipho ukumnika sona,” futhi babeqotho kulokho, “futhi wayezositshela ukuthi siyephi ukuyithola.” Futhi manje-ke siyathola, ukuthi umboni wahlangana nabo emgwaqeni futhi wabatshela ukuthi iminyuzi yayisivele ibuyele ekhaya. Futhi wahamba ukuyogcoba uDavide ukuba abe yinkosi. Futhi izindawo eziningi kakhulu eBhayibhelini, ngenkathi benyukela phambi kwezinceku zeNkosi ukuyocela umkhandlu.

¹⁹ Awu, manje, ngifuna ukunibuza: Kuthiwani ngani, lapho nithola konke okonakele enkathazweni, aniyi kumelusi wenu na? Ngabe kunjalo na? Ufanele ukwenze. Uma ungena enkathazweni, ufanele uye kumfowenu futhi umtshela, uthi, “Mfowethu, ngi—ngenze into engalungile, Bengi—ngingafanele ngenze lokho. Ngi—ngiyakhuleka ukuba ungisize manje ukuba ngikhulekise ngize ngi—ngidlule kulento.” Noma, “Ngisize ezinkathazweni zami.” Leyo akusiyo indlela yangokomBhalo yokukwenza na? Awu, lokho kungenxa yokuthi ungumelusi wenu, ungumelusi wenu wezimvu, nguye oninika uKudla ukuba—ukuba nidle. Futhi uyazi ukuthi zondliwa kanjani izimvu zakhe, ukuthi uNkulunkulu noMoya oNgcwele umenze umbonisi phezu komhlambi, ukuba aziqaphe futhi azinakekele, futhi yilokho akukhonele.

²⁰ Awu, into efanayo...Niyabo, angisuye umshumayeli, niyakwazi lokho. Mina nje, anginayo imfundo eyenele ukuba ngumshumayeli. Kodwa iNkosi, ngiyathanda ukutshela abantu engikwaziyo ngaYo. Bese kuthi-ke, kodwa isiphiwo sami kuNkulunkulu siyinto ehlukile.

²¹ Ngibuka khona impela ohlezi lapha phambi kwami, omunye, ubesemhlanganweni kulokhu ukusa, omunye wemihlangano, umfowethu oyiBaptisti, umkakhe iMethodisti. Lomfowethu oyiBaptisti wayenesikhathi esinzima kunazo zonke sokuba eke ayeke osikilidi. Ngakho, wayelokhu ehla, futhi elokhu eqhubeka, futhi wayelokhu ephikelela. Futhi—futhi indoda ekahle, angikusho lokho ngoba ihlezi lapha, kwenzekile nje ngaqaphela yona nomkayo.

²² Futhi ngakho, ekugcineni ngolunye usuku, ngenkathi esezansi lapho, eJeffersonville, elinde enye yalezozingxoxiswano zangasese, uMoya oNgcwele wangena ngqo futhi wembula yonke into, futhi walahla osikilidi ayebazamile, wayekhulekile, walala phansi. Kusukela kulesosikhathi awuzange uthinte nowodwa. Ngabe kunjalo, Mfowethu Artez na? Noma, ungubani igama lakho na? [UMfowethu Arnette uthi, “U-Arnett.”—Umhl.] U-Arnett. Ungowakwenye, ezansi eningizimu lapha, ndawondawo phakathi. [“EColumbia, eNingizimu Carolina.”] EColumbia, eSouth Carolina. Futhi sekuphelile kusukela ngaleyonkathi, akunjalo na? Yebo, kunjalo, kunjalo.

²³ Futhi manje, kulokhu ukusa ubelindle futhi waba nenge ingxoxiswano phezu kwento ethize abengazi ukuthi enzenjani. (Bhekisisani nje futhi nibone ukuthi iNkosi yathini.) Ngaphambi kokuba afike umkakhe wayekade enephupho, lalokho... wayephuphe iphupho, futhi ngaphambi kokuba ngisho bafike, noma basho noma yini, ngatshela abazalwane ukuthi wayezongitshelani ngephupho, ukuthi ukuhumusha kwakuyini, ngaphambi kokuba baze bafike lapho (Akunjalo na?), ngaphambi kokuba kuze kwenzeke, nje ukuthi kwakuyokwenzekani, nokuthi iphupho lalichaza ukuthini.

24 Si...Lapha esikhathini esithile esedlule ngangisemhlanganweni, futhi ngangi...Ngiyakholelwa ebungcweleni bembashini endala, futhi ngiyakholelwa e—ekubuzeni khona impela nje iBhayibheli elikushoyo, likusho, yilokho kuphela. Akunandaba noma kubuhlungu, kubuhlungu, akwenzi...Uma wenza lokho ukuba ungabi nasithunzi, khona-ke ngifanele ngiye e-altare futhi ngilunge, kodwa ngikwenza ngothando.

25 Uma ubone umntwana wakho enza into ethize abezozibulala ngayo, ubungeke umsize lowomntwana na? Uma ubudingeka umnike umfutho wesiqalo sakho konke okuphilayo wangemuva omncane, niyazi, ya, nje ngempela uthele phezu kwakhe, wena—wena—kungcono wenze lokho, khona-ke bekuyoba ngukuvumela ingane ithole ukubulawa. Anicabangi kanjalo na? Ngani, impela, uma ngempela ubuzodingeka umqondise futhi umbhaxabule futhi umenze aziphathe kahle. Awu, yileyondlela uNkulunkulu asenza ngayo, futhi *Nasi* iSwebhu saKhe, yiVangeli, Sibukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, sisika ngempela. Futhi uma inceku ibizwe nguNkulunkulu, angeke ixegise eZwini elilodwa.

26 Umfundisi othile wahlangana nami esikhathini esingaside esedlule, indoda egqame kakhulu, uDokotela wezobuNkulunkulu, wathi, “Mfowethu Branham, imihlangano yakho ifanele ishaye izikhungo ezinkulu zemizwa.” Wathi, “Ubungashaya izindawo njengeNew York City, futhi—futhi kanjalo, izindawo ezinkulukazi.” Futhi wathi, “Sinezindiza zethu uqobo futhi,” lelibandla lehlelo, futhi wathi, “sizokundizisa ujikeleze umhlaba, nje ushaya izindawo eziphakeme nezikhungo zemizwa.” Wathi, “Leyonkonzo ibifanele yaziwe yiwo wonke umuntu.” Futhi wathi, “Yinye nje into engifuna ukukucela ukuba uyenze,” wathi, “ezintweni nje ezithi azibe mbili ozishumayelayo, uma nje ungakhohlwa yilokho futhi ukubeke eceleni lokho.”

27 Futhi ngambuka, ngambiza ngegama, ngiyesaba ukulisho, ngoba abaningi benu bayamazi, ngase ngathi, “Dokotela, kuyangimangaza ukuthi indoda esezingeni lakho, inceku kaKristu, iyocela enye inceku kaKristu ukuba ixegise eZwini likaNkulunkulu.” Kunjalo. Ngathi, “Ngiyamangala ngawe usho lokho.”

Wathi, “Awu, sicabanga ukuthi unephutha emcabangweni wakho.”

28 Ngathi, “Manje-ke ngiqondise ngomBhalo.” Yileyondlela yokwenza. Ngathi, “Ngiqondise-ke.” Niyabo? Futhi ngathi, “Ngeke ngaxegisa eZwini likaNkulunkulu, qhabo, mnumzane.” Ngathi, “Ngi—ngi...” Futhi ngathi, “Futhi ngaphandle...”

Wathi, “Awu, wenzani—wenzani nge, Mfowethu Branham na? Ubambelela esigejaneni sabantu abangamaqembu

amancane nje *lapha nalaphaya*.”

²⁹ Ngathi, “Lalela, uNkulunkulu, ngenkathi uJesu efika, Akazange ashaye izikhungo zemizwa, Weza kwabaKhethiweyo, inkonzo yami iya kwabaKhethiweyo.” Ngathi, “Engikwenzayo, ngiholeleka ukuba ngikwenze, futhi anginandaba ngezikhungo zemizwa, ngiya lapho iNkosi ingiholela khona.”

³⁰ Ukuba-ke benginezinhlelo ezinkulukazi futhi bengifanele ngibe nezinkulungwane *ezingaka* zamadola nsuku zonke, bengiyokwenzani na? Bengingeke ngibe nalokho kukhathazeka, ngiyajabula iNkosi, Yayazi ukuthi ingabeki lokho kimi, anginawo amandla engqondo enele ukunakekela lokho.

³¹ Ngathi, “Bengi—ngi—ngingeke ngibe nazo lezizinhlelo. Angidingi ukuba nalutho.” Niyabo? Engikudingayo kuphela nje ngumusa waKhe, yilokho kuphela. Kunjalo. Yilokho kuphela engikudingayo.

³² Ngangimi esikhathini esingeside esedlule futhi ngibuka esikhulu, isakhiwo esihle esasakhiwe. Futhi ngama lapho nenhliziyo yami yavele yakhala izinyembezi, futhi ngacabanga, “O, he, Nkosi!” Futhi ngaya lapho futhi ngabuka, ngibone into ethize eyenziwe ngabanye abafowethu, ngabuka phansi lapho ngase ngibona lezizinto ezinkulu. Futhi ngama phandle lapho futhi, ngempela, ngizokuvuma, abantu abamangalisayo, yebo, mnumzane, izinceku zangempela zikaKristu, futhi ngacabanga, “He, akumangalisi yini Nkosi, kodwa yini indaba ngami na?” Niyabo? Futhi ngathi, “Mhlawumbe ngeke ngethenjwa.”

Ngaleyonkathi nje ngezwa iPhimbo, lathi, “Kodwa NgiyiSabelo sakho.”

Ngathi, “NgiyaKubonga, Nkosi, ngizothatha leyongxenywe nje.”

³³ “NgiyiSabelo sakho.” Ngithanda nje...Ufuna... UyiSabelo sami, yilokho engikufunayo, Yena ukuba abe yiSabelo sami.

³⁴ Ngikholwa ukuthi iNkosi iyeza masinyane, ngishumayela lokho, ngiphila lokho, ngifuna ukukukholwa lokho futhi ngihlale nalokho. Kunjalo. Futhi uma ushumayela futhi uthi, “iNkosi iyeza masinyane,” futhi—futhi wenza izinto, kubukeka sengathi kuzoba yiminyaka eyisigidi nokho ngaphambi kokuba Afike, awu, imisebenzi yakho uqobo ilahla ubufakazi bakho. Niyabo? Lokho—lokho...Uma Eza masinyane, asilungiselele. Asi... .

³⁵ Lehluke kakhulu kangakanani leloPhentekoste namhlanje kunalokho elalivame ukuba yikho! Ngangimi neFull Gospel Christian Business Men, iqembu elimangalisayo, yileyonhlangano kuphela engingowayo, futhi akusiyo inhlangano, yinto ephilayo. Futhi isizathu sokuba ngenze lokho, nginosomabhizinisi abavela kuwo onke amaqembu

ukuba baphume, futhi—futhi khona-ke kuthi ukuphoxa umelusi wabo, ngoba bazobambisana, ngakho manje-ke, kukhipha lonke ibandla, futhi ngithola ukusebenzela bonke. Ngi—ngima phakathi kwesikhala bese ngithi, “Singabafowethu, singabafowethu. Asifanele sibe nemehluko nemigqa, sifanele sibe ngabafowethu, sonke ndawonye.”

³⁶ Futhi ngangiseKingston, eJamaica, futhi ngangizwe abanye bosomabhizinisi ngalolosuku benikeza ubufakazi phambi kwalabo somabhizinisi lapho mayelana, “Ibhizinisi lami elincane nje lalingukuthi-nokuthi, futhi akabusiwe uNkulunkulu, nginoCadillac abathathu, futhi nginalokhu, lokho, nokunye.”

³⁷ Ngalobobusuku ngathi, “O, bazalwane, iPentecost yehluka kangakanani manje ngaleyonkathi ngenkathi yayivamise... ngenkathi Iwa okokuqala! Ngenkathi Iwa okokuqala,” ngathi, “abantu bathengisa ngalokho ababenakho futhi baba ngabampofu, ukuze bathathe iVangeli.” Futhi ngathi, “Manje izinsuku bazama ukutshela labosomabhizinisi... Banebhizinisi, bayazi ukuthi benzeni, bona, akusikho lokho abakufunayo. Mabazi uthando lukaNkulunkulu, yilokho abazama ukukuthola, hhayi ukuthi balenze kanjani ibhizinisi labo libe ngcono. UNkulunkulu akethembisi umbhede wezimbalu wokuphumula. Yena... Indlela yethu—yethu imigoxigoxi futhi ilukhuni, futhi uma ungazimisele ukuthatha leyondlela, ungaqali, ngoba uma ukhonza uNkulunkulu ngempela, uzofika ngendlela emahhadlahhadla, ngiqonde ukusho njalo.”

Abanye bedabula emanzini, nabanye
ngo zamcolo,
Abanye bedlula ezivinyweni ezijulile, kodwa
konke ngeGazi.

Kunjalo. Yileyondlela Ahola ngayo abantwana baKhe.

³⁸ Kwakukhona othize, umvangeli omncane, umculi kanye nathi laphaya, wathi, “Kodwa Mfowethu Branham,” wathi, “leso yisikhathi esisodwa lapho—lapho abafundi benza khona iphutha.”

Ngathi, “Kwakuyini leyo na? Angikholwa ukuthi babeyokwenza, babengamadoda aphefumulelwe.”

³⁹ Wathi, “Awu, ngenkathi bonke abantu bethengisa izimpahla zabo futhi bazibeka ezinyaweni zabaphostoli,” wathi, “ngenkathi kuvuka ukuhlushwa, babengenalo ikhaya abangaya kulo, babengenandawo yokubuyela emuva.” Wathi, “Kwakhombisa ukuthi benza iphutha.”

Ngathi, “UNkulunkulu akenzi-maphutha, qhabo, mnumzane.”

Wathi, “Awu, bona, ukuba babenekhaya ukuba baye kulo...”

⁴⁰ Ngathi, “Yilokho uNkulunkulu ayefuna bakwenze. Bahlakazeka, bengenakhaya, futhi basakaza iVangeli kulolonke izwe.” Isizathu babengenandawo abangaya kuyo, yileyondlela uNkulunkulu ayefanele akwenze ngayo.

⁴¹ O, ukuba nje besingalandela ukuhola kukaMoya, niyabo, khona-ke bekuyoba ngcono uma nje sibuyele emuva ekuholeni kukaMoya futhi silandele lokho, futhi besiyoba ngcono kakhulu, ngiyakholwa.

⁴² Manje, siyethemba manje ukuthi wonke umuntu uyaphulukiswa. Izolo ebusuku bekungubusuku obukhazimulayo. Ngizwa nje amandla kaMoya, ukuthi Wahamba kanjani phezu kwabantu, nokuthi uNkulunkulu wasebenzana kanjani.

⁴³ Manje, belusi, bazalwane bami, khumbulani isikhathi eside emva kokuba sengihambile, lapho sengihambile lapha, khumbulani kuyoba nabesifazane nabesilisa ababenezinkathazo isikhathi eside bazokhuphuka befakaza, “Sekuhambile.”

⁴⁴ Izolo ebusuku ngisuka emsamo ngidiyazelile, angikwazanga ukuzibamba. Niyabo? Kwakul’khuni ukuthi ngazi ukuthi ngangikuphi. Kwakuwukuvuka okwesabekayo kakhulu kokukholwa, niyabo, kuyenyuka.

⁴⁵ Manje, kubi kakhulu ukuthi sifanele nje sihlale izinsuku ezimbalwa bese siyahamba. Niyabo? Uma nje silinda isikhashanyana, uma nje besinaso nje, isikhathi! Kodwa nje siyazulazula ezweni lonke, nomaphi lapho esingakwazi (Sizama ukungena ku, konke ukukhotha kuSathane esingakuthola.), naseBandleni elikhethiwe, futhi mababone lesosibonakaliso uKristu athi siyobakhona ngaphambi kokuFika, ngoba angazi ukuthi yiliphi ihora Angahle abonakale ngalo, futhi ngifuna ukwenza konke okusemandleni ami. Ngakho ngikhulekeleni, leyo yinto enhle kunazo zonke ongangezela yona, ngukungikhulekela.

⁴⁶ Manje, njengoba ngishilo, anginazinhlelo engizozisekela, noma yini, futhi uma benginakho, khona-ke bengingeke ngibe lapha. Ukuba bengine. . . Abaningi babazalwane abanezinhlelo ezinkulu abafanele bazisekele, umsakazo, ithelevishini yomhlaba wonke, nezinto ezinkulu kanjalo, a—abakwazi ukuza eqenjini elincane labantu.

⁴⁷ Kodwa niyabo, iNkosi yayazi ukuthi ngangithi ukuba ngomncane, awu, umfo ongafundile, ukuze Ingavele ingidedele ngehle futhi ngibambe abanye abafowethu abangabatholi, ngiyacabanga. Futhi ngibambe umhlangano, maduze nje, ebandleni elalihlalisa abantu abangamashumi amabili. Ngiyazi ukuthi kwakuletha umunyu, kodwa ngakwenza.

⁴⁸ Kodwa ngakho-ke, niyabo, lapho iNkosi ifuna ngiye phesheya kwezilwandle, uthi, “Ukwenza kanjani lokho na?” *Ngandlela-thize enye* omunye umuntu uyeza futhi anginike

imali ukuba ngihambe. Futhi ngakho, futhi uma ngifanele ngiye endaweni encane, angikho phansi kwesibopho, kodwa engingahamba. Ngakho mina nje, lapho Afuna ngiye khona, Uyanginakekela, futhi nje ngiphila ngokukholwa, futhi ngihamba ngokukholwa, futhi lapho Yena, noma yini, Afuna ngenze noma yini, Uhlinzeka njalo indlela.

⁴⁹ Ngishumayeze ezinkulungwaneni ezingamakhulu amahlanu ngesikhathi esisodwa, futhi ngishumayeze ku—ngishumayeze kwabahlanu noma abayisithupha ngesikhathi esisodwa, ngabamba umhlango lapho ishumi noma ishumi nanhlano liyobe lihlezi khona. Futhi eminye yemihlangano emnandi kunayo yonke engake ngaba nayo kwakuse—emhlanganweni womkhuleko ekhaya, ndawondawo. Kunjalo. UNkulunkulu angeza eqenjini elincane noma iqembu elikhulu, akwenzi mehluko ubukhulu noNkulunkulu, “Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiyoba phakathi kwabo.” Yilokho-ke.

Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, sifuna ukusondela kuMqalisi.

⁵⁰ Ngabe noma ubani wake wamazi uBooth-Clibborn na? Abaningi benu ngiyaqagela. UWilliam Booth-Clibborn, wabhala leloculo elidumile, *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*, ungumngane wami uqobo. Futhi ushumayela iVangeli ngezilimi eziyisikhombisa ezehlukene, uhlakaniphe kakhulu nje. Lowo ngumzukulungu wekhehla uGeneral Booth, futhi ungamadoda ayingiNgisi. Futhi—futhi yena, uBooth, angahle ukuba uhlezi lapha. Ngakho, ungumfo ngempela, usiyazi wezenkolo ngempela.

⁵¹ Futhi ngolunye usuku, sathi ukuphambana nento ethize enye, futhi ngakho, ngathi, “Awu, Mfowethu Booth, lokho bekungake kwenzeke kanjani, ngokuba lokhu kuyilokho na?”

⁵² Futhi manje, Mfowethu Booth, uma ulapha, angihlosile ukuphakamisa indaba futhi. Kodwa wayeboshiwe, futhi wayengenandawo angaya kuyo. Ngakho uvele nje... Ngavele ngamyeka agxume, waze wagxumela ngqo ogibeni lwakhe uqobo. Niyazi, njengokuthi nje, nikeza inkomazi intambo eyenele futhi izozilengisa yona. Ngakho, waphumela ekugcineni kwegatsha futhi akakwazanga ukubuyela emuva. Futhi ngathi, “Yini manje, Mfowethu Booth na?”

Wathi, “Awulazi iBhayibheli lakho nje.”

Ngathi, “Kodwa ngimazi kahle uMqambi.” Ngathi (Yilokho-ke.), ngase ngithi, “Uzongifundisa konke okwaLo.”

⁵³ Ngakho, uma singalazi iZwi, masimazi kahle ngempela uMqambi. Futhi Angeke Asiyekele sihambe ngokungesikho, Uzosiholda, ngandlela thize, siye kokulungile. Ngakho, asikhulume kuYe manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

⁵⁴ Baba wethu waseZulwini, siyabonga ngethuba futhi, kuloluhlangothi lwePhakade, ukwethula uJesu Kristu ezethamelini ezilindile.

⁵⁵ Futhi manje, bengicabanga kaningi ukuthi kanjani, ukuthi bengiyokwenzenjani ukuba bengino—umcengezi, noma, ingilazi esandleni sami, futhi kuleyongilazi ibiphethe iconsi elilodwa leGazi likaJesu langempela. Bengingakusingatha kanjani lokho enhliziyweni yami! Nokuthi kanjani ukudumisa ebengiyoba nakho ngalokho obekuyothululeka, lapho izinyembezi zigobhoza esihlathini sami, enginalo esandleni sami iconsi elilodwa leGazi langempela leNkosi uJesu, leloGazi Elangisindisa!

⁵⁶ Futhi ngaleya ngenkathi odokotela benginika nje eminye imizuzu emithathu ukuba ngiphile, ngaphezu kweminyaka engamashumi amathathu edlule, kwangisindisa futhi kwangiphulukisa. O Nkulunkulu, ukuthi ngiKubone kanjani, iminyaka, kuthathe amashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabantu abagulayo abelaphi bethu ebabezidelile, futhi ubenze babe nempilo nabantu abaphilile ukuba baqhube impilo yabo, leloGazi yilo elakwenza. Futhi bengingacabanga ukuthi bengingakubamba kanjani lokho!

⁵⁷ Kodwa, kulobubusuku, eZwini laKho uQobo ngibambe elikhulu kuneconsi elilodwa leGazi, ngibambe ukuthengwa kwaleloGazi phambi kwami. Wayebathanda abantu baKhe kakhulu kunoma Wayethanda impilo yaKhe uQobo, ngakho Wanikela ngeGazi lokuphila kwaKhe ukuthenga lababantu. Manje-ke, Nkosi, ngifanele ngisondele kanjani kubo na? omkhulu kuneGazi uqobo lwalo, inani elithengiwe leGazi.

⁵⁸ Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzongifihla ukuze ngingaboni abantu, noma ngesabe abantu, noma lutho, kodwa nje ngishumayeke iZwi, ngiLeneke kalula futhi licace. Futhi-ke kwangathi Ungeza emva kwalokho futhi uqinisekise lokho engikushilo ukuthi kuyiqiniso, futhi khona-ke lokho kukwenza kube yiqiniso, Nkosi. Futhi uma ngingaphinde ngihlangane nalababantu futhi ngakuloluhlangothi lweZulu, noma, loluhlangothi lokwaHlulelwa, khona-ke akuyikubakhogazi lamuntu ezandleni zami, Nkosi, futhi Uyokhululeka ngoba Uqinisa iZwi laKho. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona, kulobubusuku.

⁵⁹ Phulukisa abagulayo, Nkosi, futhi usindise labo abasindisekayo, bonke Obabizile, uma kukhona noma yimuphi walabo phakathi lapha kulobubusuku, Nkosi, ukuthi ngaphambi kokuba izwe liqale, ukuthi ngokwazi kwaKho okukhulu ngaphambili Wawazi ukuthi uyoindiswa, futhi kulobubusuku, ngandlela thize, Ubelusele ngqo endaweni. Kwangathi kungenziwa okuthize, kulobubusuku,

okuzobabangela ukuba baqonde uMsindisi wabo othandekayo, futhi baMemukele. Ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

⁶⁰ Manje, emibhalweni kaMathewu oNgcwele isahluko 14 nevesi 27:

Kepha uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yimina; ningesabi.

⁶¹ Ngifuna ukusebenzisa lelogama elithi *Ningesabi*. *Ningesabi*, amagama amathathu okwendikimba.

⁶² Futhi khona-ke, kufanele ukuthi kwakuthi akube isikhathi ilanga lase liyoshona, olude, usuku olukhathazayo, eyimvithi, izinto eziningi zazenekile, futhi sengiyayibona imisipha emikhulu ikhukhumala ngaphansi kwamahlombe akhe, lapho eqala ukususa lesosikebhe ogwini olunesihlabathi lwaseGalile futhi asiphushela emanzini. Oyisidlakela, umdobi omkhulu obizwa ngoSimoni wase-ke ethatha indawo yakhe lapho enyuka edabula umkhumbi omncane, wayesehlala phansi eceleni komfowabo, u-Andreya, wayesecosha isigwedlo.

⁶³ Futhi lapho umkhumbi omncane uqala ukuphuma ungene emanzini ngobumnene, ukumemeza kwabantu osebeni, wayememeza, “Buyani niphinde nisibone futhi. Sikuthokozela kakhulu ukuvakasha kwenu kanye nathi.” Kufanele ukuthi izinhliziyu zabo zazikhukhumele kanjani ukwazi ukuthi babenze into ethize eyayiyinhle! Sonke siyathanda ukuzwa lokho, o, wonke umuntu. Ngezinye izikhathi ushiya umhlangano, abantu nje bekhala izinyembezi.

⁶⁴ Futhi lapha, ngenkathi ngisuka eNingizimu Afrika, maduze nje, kwakukhona cishe izinkulungwane eziyishumi esikhumulweni sezindiza, futhi babephandle lapho, bemi phandle lapho bekhala izinyembezi, futhi bekhala, belila, bememeza, “Buya uphinde usitshele futhi ngoJesu,” niyabo. Ziningi kakhulu izinto ezinkulu!

⁶⁵ Futhi udokotela omncane owayebone isimangaliso senziwa, umfana omncane onezinxemu waqala emsamo, enezinxemu nje njengoba wayengabanjalo, futhi ngaphambi kokuba afike kimi amehlo akhe eqonde ngqo. Wavele wasuswa emsamo, nodokotela waseBrithani uyabuya e. . . ehlezi emuva lapho, futhi uyafika, wathi, “Wenzi kulowomfana na? Umthwebulile na?”

Ngathi, “Ukumthwebula?” Ngathi, “Futhi bakunika ilayisense ukuba wenze umuthi, futhi wazi kakhulu ngokuthwebula kunalokho na?”

⁶⁶ Futhi wathi, “Ngibeke umfana emsamo ubenezinxemu, futhi nangu, amehlo akhe aqondile.” Wathi, “Into ethize yenzeke phakathi kwalapho nalapho.”

Ngathi, “Uhlangane noJesu.” Niyabo?

Futhi ngathi, “Angizange ngimthinte.”

Futhi wathi, “Umthwebulile na?”

⁶⁷ Ngathi, “Impela lutho, mnumzane.” Ngathi, “Uma ukuthwebula kuzoqondisa amehlo agwegwile, beningafanele yini nina bafo nisebenzise ukuthwebula na?” niyabo. “Kungaba ngcono kunanoma yikuphi ukuhlinzwa obungakwenza, uma ukuthwebula kuzokwenza.”

Ngathi, “Qhabo, angimthwebulanga umfana, uNkulunkulu uqondise amehlo akhe.”

⁶⁸ Wathi, “Ngi—ngiyazi ukuthi ukhona uNkulunkulu,” wathi, “Ngiyazi ukuthi ukhona uNkulunkulu.” Wathi, “Lowo—lowo—lowomnduze. . .” Iminduze yabo lapho, odade, uma ungahle uyazi eminye yayo, ngani, leyominduze yasemanzini emikhulu ingamayintshi ayishumi nesishiyagalombili ukuvundla, emikhulu ephuzi nemhlophe, into enhle kunazo zonke, ikhula endle khona impela emenweni. Babenezimbali ezinkulu zazo zihlezi yonke indawo emsamo. Wathi, “Ngiyazi ukhona uNkulunkulu, ukuphila kuleyominduze, ngoba umnduze ubungeke uphile ngaphandle kokuphila.” Wathi, “Kodwa obambekayo ngokwenele ukwenza ukuhlinzwa kulawomehlo na?”

Ngathi, “Ubani owenza amehlo kwasekuqaleni na?” Niyabo? “Avelaphi na?”

Futhi wathi, “Awu. . .”

⁶⁹ Futhi nje ngaleyonkathi, uDkt. Bosworth uyenyuka wayesethi, “Uzofanele uhambe, mnumzane, uzobangela isiyaluyalu. Uyabo?” Wathi “Isikhathi siyigugu manje, lapho ugobo lusekumfowethu.” Wathi. . .

⁷⁰ Ngokwejwayelekile ukuza emihlanganweni, ukukwenza kusebenze kangcono, uMnu. Baxter noMnu. Bosworth nabo, i—izimenenja, bayakhuluma, ngifika nje ngqo, ngiqonde emsamo, ngibize umugqa womkhuleko, bese kuthi-ke emva kokuba usuphelile, ngihambe. Futhi, kodwa manje, kusobala ngingedwa nje lapha nabafana nje, futhi ngakho nginakho, ngizama ukukhubeka phezu kokukhuluma, qobo lwami.

⁷¹ Ngakho manje-ke, ngenkathi u—udokotela. . . Futhi waqala ukumthatha. Futhi wathi, wayesethi, “Umzuzwana nje,” wathi, “Mnu. Branham, uqonde ukungitshela ukuthi uNkulunkulu, uMdali omkhulu, ukhona ndawondawo phakathi kwalapha nalaphaya na?”

Ngathi, “Ukhona yonke indawo.”

Futhi wathi, “Ngi. . .Awu, kuzofanele kubekhona aMandla athile aphahekayo, aqondise lawomehlo omfana.”

Futhi ngathi, “BekunguNkulunkulu.”

⁷² Futhi baqala ukumsusa, khona-ke uMnu. Baxter wenyukela kuye. Wathi, “Umzuzu nje.” Wafika e, phazulu

embhobhweni, wathi, “Nami, futhi, ngizokwemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nami.”

⁷³ Futhi ngenkathi ngisuka eGoli, leli yiqiniso, uNkulunkulu eZulwini uyazi, futhi ngenkathi ngisuka eGoli, wajomba uthango, lapho ababenaye khona emuva lapho, wagijimela phandle lapho wayesengigaxa ngezingalo zakhe ngenkathi ngiphuma phakathi kwabantu, nabaqaphi, ngiphuma ngiya ePan American Airlines. Ngenkathi ngiphumela lapho, ba . . . wagijimela phandle lapho futhi wangigaxa ngezingalo zakhe, wayesethi, “INkosi ingibizele enkonzweni.” Wayengenakho . . . Waya ekukhulumeni ngezilimi, izingalo zakhe zigaxe entanyeni yami, kanjalo, ngakho, udokotela waseBrithani.

⁷⁴ Ngakho manje, ngezwa ngaye, lapha cishe eminyakeni emibili noma emithathu edlule, cishe eminyakeni emibili edlule. Sekube yiminyaka emihlanu edlule. Unenkonzo enkulu phezulu lapho, esiza i, ngempela, abagulayo nabahluphekile enhla e-Afrika.

⁷⁵ Ngakho, ngenkathi abantu bevayizela, “Nisale kahle, buyani futhi,” lokho nje kwenza inhliziyi yakho izizwe ikahle ngempela. Futhi kuyinto oyaziyo ukuthi uzwa ukuthi ufeze okuthile. Nalababafundi kufanele ukuthi bazizwa ngaleyondlela ngenkathi bonke babevayizela bevalelisa, “Sizophinde sinibone, futhi nibuye ezweni lakithi futhi, futhi—futhi nikhulume nathi futhi.”

⁷⁶ Futhi lapho ilanga lase lishona phansi, nomkhumbi omncane wenza indlela yawo, futhi ngamunye wabadobi, nabagwedli besikebhe bedonsa izigwedlo ezinkulu, lapho be . . .

⁷⁷ Imikhumbi ngalezozinsuku, yayine—yayinezigwedlo, ezimbili, sibe sinye ngakulolu hlangathi lwesihlalo, nesisodwa ngakulolo hlangathi. Futhi babehlala nezigwedlo ezinkulu futhi nje bagcine isikhathi lapho be—begwedla umkhumbi.

⁷⁸ Futhi uphuma udabula emanzini athule, futhi, ekugcineni, bathi ngqu baphuma ebangeni lokuzwa abantu bemi ogwini bevayizela. Futhi bafanele ukuthi badonsa, mhlawumbe, eminye eyishumi nanhlanu, amashumi amabili, noma imizuzu engamashumi amathathu. Futhi angazi, kufanele ukuthi kwakunguJohane omncane, wayengomncane esigejaneni, nendoda eyayigibele ngalobobusuku, yomkhumbi, kufanele ukuthi yama ukuba ibambe umoya wayo, ngoba babekade bedonsa kanzima kakhulu, babefanele bawele ulwandle ngalobobusuku, noma, ichibi elincane.

⁷⁹ Futhi wama, mhlawumbe, futhi waphushela izinwele emuva ezisusa emehlweni akhe wayesethi, “*Whewu!*” lapho bethola umoya wabo wokuphefumula, futhi wathi, “Bazalwane,” akekho oke washo lutho isikhathi eside impela, wathi, “Ngi . . . into eyodwa namhlanje, sonke singaqiniseka ukuthi asilandeli umkhohlisi, njengoba abantu becabanga ukuthi Unjalo.”

⁸⁰ Wathi, “Uyazi, ngenkathi lowomfanyana ekhuphukela lapho nalawomabheskidi amancane amahlanu, izinhlanzi ezimbili, futhi anikezelwa kuYe, futhi ngamangala ukuthi Wayezokwenzani ngalokho. Futhi ngenkathi ngiMbona ehlephula lesosinkwa futhi wasinika sona, ngagibela emva kwaKhe ukubona ukuthi lokho kwakuvelaphi. Kodwa Wathatha ibhisikidi, walihlephula nje, walinikezela ethreyini, futhi ngesikhathi Esebuyela emuva futhi, bekukhona elinye ibhisikidi, walihlephula. Ethathe lezozinhlanzi . . .”

⁸¹ Ngiyamangala ukuthi hlobo luni lwe- athomu Aludedele ngaleyonkathi, bazalwane, ngiyamangala ukuthi Wenzeni. Hhayi inhlanzi kuphela, kodwa inhlanzi ephekiwe; hhayi ufulawa kuphela, kodwa ufulawa obhakiwe, usuvele usesinkweni. Yini Ayidedelile na? Ukubeka phezu kwaleyomicengezi namabhisikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, futhi wabutha iziqabetho ezigcwele imvuthuluka ebisele. Wenzeni na?

⁸² Sengiyamuzwa uJohane osemncane ethi, “NgiMbonile ezintweni eziningi ezinkulu, bengihlala njalo ngiMkholwa, kodwa namhlanje lokho kukuzazululile. Ngiyakhumbula ngenkathi ngisemncane, umfana ongumJuda, umama wami wayevame ukungihlalisa ethangeni lakhe, futhi wayethi kimi, ‘Johane?’ Futhi ngangimbuka phezulu emehlweni akhe amahle, amakhulu, ansundu, futhi wayethi, ‘Johane, ngifuna ukukutshela izindaba zeBhayibheli.’ Futhi ngangivame ukuzithanda kanjani!”

⁸³ Kubi kakhulu ukuthi omama abathathi abantwana babo namhlanje futhi babaxoxele izindaba zeBhayibheli. Kunzima ukuthola umelusi ozokwenza, kungasaphathwa u—u—umama. Ngicabanga ukuthi kuna—kunamaVangeli amahlanu, wazi amane kuphela eBhayibhelini, kodwa nguMathewu, uMarku, uLuka, uJohane, noMama. Umama ubathola besebancane, ubefanele abaqale khona lapho ngaphambi kokuba bazi noma yini ngoMathewu, uMarku, uLuka, noJohane.

⁸⁴ Futhi omama bathatha nje isikhathi esiningi ukukhuluma nabantwana babo ngoNkulunkulu futhi babakhulekele, besiyoba nobuhlongandlebe obuncane bentsha. Okokuqala nje, ngubuhlongandlebe babazali ngaphambi kokuba sibe nobuhlongandlebe bentsha. Uma omama bebengathatha indawo yabo endlini, neBhayibheli, futhi bakhulekele abantwana babo, futhi babaholele kuKristu, esikhundleni sokuphumela ephathini ethize yesitishi nokuthunga futhi badlale amakhadi, futhi baphuze, futhi baqhubeke, futhi babheme futhi . . .Awu, angifuni ukuqalisa kulokho. Kodwa, nokho, ngi . . . Kuyesabeka ngendlela okukwenza ngayo.

⁸⁵ Namhlanje ngimhlekele owami ompofu, umkami omncane.

Besiphezulu kwaHoward Johnson ukuzitholela omunye walabo o 3-D. Niyazi lokho ngukuthi, ngokwejwayelekile angidli kakhulu ngesikhathi salolu uhlobo lwenkonzo. Futhi besiphezulu lapho, futhi ubona i, inenekazi phezulu lapho ebelifake lokhu lapha *ubuqhathanzipho*, niyazi, noma ngabe into iyini.

⁸⁶ Futhi cishe emavikini amabili edlule, ngangiseCalifornia, ngangingazi ukuthi sekuvele kushushumbe kangaka, futhi ngangimi eClifton's Cafeteria, futhi mina, ngilinde uMfowethu Arganbright, oyiPhini likaMongameli weFull Gospel Business Men, futhi ngangizohlangana naye lapho, nentombi yangena endaweni, ngase ngiyibuka, ngase ngicabanga, "Awu, lelonekazi bandla!" Manje, amehlo alo ayeyinto ebukeka kabi kunakho konke. Ngacabanga, "Liyagula, ngizoya ngale futhi ngilikhulekele." Futhi ngi-ngibonile, ngisibonile isifo sokushisa kweso i-ophtalamiya, futhi ngisibonile isifo samehlo iglakhoma, ngilubonile uchoko, kodwa angikaze ngibone noma yini enjalo. Futhi ngacabanga, "Lona . . ." Ngokweqiniso, ngi-ngikhuluma iqiniso, ngacabanga ukuthi intombazane yayiyinto ethize, isifo engingakaze ngisibone ngaphambilini. Ngakho yona, amehlo ayo ayeluhlaza satshani ngempela, bese kuthi-ke eluhlaza sasibhakabhaka ngempela emva kwalokho.

⁸⁷ Futhi ngacabanga, "Ngi . . .Leyonganyana, unjani phandle lapha emgwaqeni kanjalo na?" Futhi ngicabange ukuthi ngizoya kuyo bese ngithi, "Dadewethu, ngiyaxolisa, ngingumfundisi weVangeli. Yini engalungile ngamehlo akho na? Bengi-bengingakwenzela umkhuleko omncane, uma udokotela engazi na? Mhlawumbe . . ."

⁸⁸ Futhi mina, kwathi nje ngingaqala ngale kuyo, nakhu kufika abanye futhi abesifazane benyuka nento efanayo, futhi ngacabanga, "Angazi noma ngabe lolo wuhlobo oluthize *lobuqhathanzipho* abalugcoba emehlweni abo," niyazi. Futhi-futhi ba, bebenza . . .

Kwase kuthi-ke ngi-ngibuza omunye umuntu, base bethi, "Yebo, leyo yi-leyo yinto abayifaka ebusweni babo."

⁸⁹ Futhi mina, ngenkathi ngifika ekhaya, ngatshela umkami ngakho, ngase ngithi, "S'thandwa, ababukekanga ngisho ngabantu. Niyabo? Kwakubukeka sengathi into ethize eyayiphume kwenye imbulunga yomhlaba, noma-noma yawa ngaphandle emakhazeni ndawondawo, noma okuthize." Ngathi, "Angikaze ngikubone okunjalo!"

⁹⁰ Futhi namhlanje, besiphezulu lapho, futhi nakho kuhlezi inenekazi elinjalo, no-noMeda waqalaza, umkami, wayesethi, "Ngabe *yilokho* Bill na?"

Ngathi, "Yilokho-ke."

Wathi, "Mfana, lokho bekungeke yini kukwesabise ngesikhathi sasebusuku na?"

Ngathi, “Bekungangi—bekungangenza ngibe nohlevane.” Impela bekuyokwenza.

Wayesethi, “Awu, kungani kunjalo na?”

⁹¹ Sibuzile esikhathini esingeside esedlule, ngibone into exakile edolobheni lakithi, inenekazi laligqoke isiketi, ngase ngithi, “Akuxakile na? Akabukeki emuhle na?”

“Ya, impela uyabukeka.” Wathi, “Bill, lowo, labo besifazane, ngiyazi abanye babo bacula emakhwayeni, kanjalonjalo.”

Ngathi, “Impela.”

Wathi, “Awu, ngathi,” wathi, “yini eyenza umehluko na?”

⁹² Ngathi, “Awu, s’thandwa, bangabaseMelika nje, uyabo, yilokho kuphela abayikho. Lapho useJalimane, banomoya waseJalimane eJalimane; uya eFinland, banomoya waseFinland; uya eFransi, banomoya waseFransi; uza eMelika, unomoya waseMelika.”

Wathi, “Asisibo abaseMelika na?”

⁹³ Ngathi, “O, qhabo, impela qha, sasingabaseMelika, besiyoziphatha njengabaseMelika. Uyabo?” Ngathi, “BangabaseMelika, ngakho yilokho kuphela abakwaziyo, bajoyina ibandla ndawondawo, kodwa nje, baboshwe ngumhlaba nje, futhi yilokho kuphela abakwaziyo.” Yena... Ngathi, “Manje, uyabo...”

Wathi, “Sivelaphi na?”

Ngathi, “Sivela phezulu, khona-ke senza sengathi sasivela phezulu lapho. Niyabo? Abesifazane bakithi bagqoka sengathi bavela phezulu lapho. Niyabo? Ba—baziphatha njengakho. Ba...”

⁹⁴ SingamaKristu, sizelwe ngokusha, uMbuso wethu uvela phezulu, uvela eZulwini. Sizalwa nguMoya ovela phezulu lapho, ngakho senza sengathi sivela phezulu lapho, lapho bephila khona ngobungwele, futhi belungile, futhi bethembekile, futhi beqotho omunye nomunye, baphathe wonke umuntu kahle, futhi benze konke abangakwenza ukusizana, hhayi phansi lapha kuloluhlobo lwesibumbatha.

⁹⁵ Ngoba nje ungumMelikana, lokho akukwenzi umKristu. UMnu. Bosworth ngesinye isikhathi emsamo wabuza intombazane, wathi, “UngumKristu na?”

⁹⁶ Yathi, “Ngizokunika ukuba uqonde ukuthi ngikhanyisa ikhandlela njalo ebusuku.” Sengathi lokho kwakuhlangene nanoma yini nobuKristu! Kodwa kungaleyondlela. Niyabo?

⁹⁷ O, uma nje besingathatha isikhathi esiningi ukuxoxela abantwana bethu izindaba zeBhayibheli! Ngiyacabanga bengingaya kulelidolobha futhi ngicoshe wonke umfana omncane kulelidolobha, futhi bonke bangangitshela ukuthi kwakungubani uDavy Crockett, futhi ngiyabheja akukho—

akukho—akukho abangamashumi amabili ekhulwini abangantshela ukuthi uJesu Kristu wayengubani, nokuthi Wazalwa nini. Kunjalo. O, impela. Niyabo, lowo nje—nje ngumoya waseMelika uhamba wedlula, yilokho kuphela, niyabo.

⁹⁸ Futhi manje, sithola ukuthi, namhlanje, lokho ngukuthi, sihlwanyele emimoyeni futhi sivuna isivunguvungu, yilokho impela nje esikwenzayo. Manje, kodwa besifanele ukufundisa abantwana bethu ngoKristu.

⁹⁹ UJohane omncane, unina wayemfundise ngoNkulunkulu, futhi wathi. . .

¹⁰⁰ Niyazi, bukani, lapho into ifika, lapho into ifezeka, umntwana oqeqeshwe kahle, “Khulisa umntwana ngendlela afanele ahambe ngayo, nxa esemdala, akayikusuka kuyo.”

¹⁰¹ Manje, sithola ukuthi, ekhulisa lomntwana, wayekhulise uJohane kahle, “Wathi, ‘Johane,’” futhi wayeyikhumbula indaba, “wathi, ‘Kanjani ukuthi uJehova, ukuthi Wabanakekela kanjani abantu baKhe, ngenkathi bonke babenhliziyonye, futhi belandela iNsika yoMlilo enkulu,’ wayesethi, ‘Johane, ndodana, ngoluny’usuku ngenkathi uNkulunkulu ekhipha abantu baKhe ebugqilini, Wabakhipha wabayisa ehlane, futhi uyazi, Johane, njalo ekuseni babephuma futhi bacoshe isinkwa esinoju, izinkwa eziwucwecwana zoju.”

¹⁰² Futhi manje, wathi, “Mama, ngabe uNkulunkulu unaso sonke isixheke esikhulu sohhavini phezulu lapho eZulwini na? Futhi unenqwaba yeziNgelosi ezibhaka lesisinkwa njalo ebusuku futhi zisithululele phansi na?”

¹⁰³ “‘Qhabo, S’thandwa,’ wathi, ‘uNkulunkulu akanabo ohhavini ezibhakabhakeni. Niyabo, uNkulunkulu unguMdali, futhi konke Afanele akwenze ngukukhuluma nje, futhi Udala izinto ngezinto okungekho lutho kokudala ngazo, noma, akukho lutho olungenziwa ngazo, niyabo. Yena nje, UnguMdali.’”

¹⁰⁴ Futhi khona-ke uJohane wathi, “Bazalwane, namhlanje, ngenkathi ngiMbona emi lapho futhi ethatha isinkwa futhi edala isinkwa, ngangazi ukuthi Ufanele abe yisihlobo esithize kuJehova. Ngakho siyazi ukuthi iNdoda esiyilandelayo, nakuba amabandla ethi Ungumkhohlisi, Ungumbhuli, uBelzabule, kodwa ngiyazi ukuthi UnguJehova, ngoba Wenza njengoJehova, futhi Wenza izinto uJehova azenzayo, ngakho siyazi ukuthi Kufanele kube nguJehova.”

¹⁰⁵ Manje, namhlanje abanye abantu abakukholwa ngisho lokho, abanye abantu bafuna ukwenza uJesu nje umuntu ojwayelekile, umuntu olungileyo. Esikhathini esithile esedlule, owesifazane wehlelo elithize nebandla elingakholwa ukuthi WayengonobuNkulunkulu, wathi kimi, wathi, “Mfowethu Branham, ngiyakuthakasela ukushumayela kwakho, kodwa,”

wathi, “ugcizelela kakhulu kuKristu engonobuNkulunkulu,” wathi, “wayengesuye onobuNkulunkulu, wayengumuntu.”

Ngathi, “Kodwa WayengonobuNkulunkulu.”

Wathi, “O, wayeyindoda elungileyo, futhi wayengumprofethi.”

Ngathi, “Wayedlula umprofethi, WayenguNkulunkulu; noma yini engaphansi kwalokho, silahlekile.”

Futhi wathi, “O, qhabo, a—angeke waba yiLokho.”

Ngathi, “WayeyiLokho.”

Futhi wathi, “Uthe wawungoqavile womsuka, futhi nje ukhulume lapho iBhayibheli likhuluma khona, kanjalonjalo.”

Ngathi, “Yiqiniso lelo.”

Wathi, “Uma ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli lakho ukuthi wayengelutho kodwa indoda, uzokukholwa na?”

Ngathi, “Uma iBhayibheli lasho njalo, kodwa ungeke wakufakazisa.” Niyabo? “Kodwa iBhayibheli alikusho.”

¹⁰⁶ Wathi, “Kulungile, ngizokufakazisa kuwe.” Wathi, “KuJohane oNgcwele isahluko 11 ekufeni kukaLazaru, iBhayibheli lasho ukuthi uJesu, eya ethuneni lakhe, wakhala izinyembezi.” Futhi wathi, “Uyabo, lokho kwamenza nje umuntu.

¹⁰⁷ “Awu,” ngathi, “impela Wakhala izinyembezi.” Ngathi, “Kodwa Wayengaphezu komuntu,” ngathi, “lowo kwakuyiMuntu owayekhala izinyembezi, kodwa uNkulunkulu wayekuYe.”

Wayesethi, “O, qhabo, wayengeke akhale izinyembezi futhi abe ngonobuNkulunkulu, njengoba uthi unjalo.”

¹⁰⁸ Ngathi, “Khona-ke kukhona engifuna ukukubuza khona. Ngizovuma ukuthi Wakhala izinyembezi ngenkathi Eya ethuneni likaLazaru, kodwa ngenkathi Eqondisa amahlombe aKhe amancane, wathi, ‘Lazaru, phuma,’ futhi umuntu wayekade efile futhi esethuneni futhi esevele ebolile waphila, lokho kwathatha okungaphezu komuntu ukwenza lokho, Lowo kwakunguNkulunkulu owenza lokho.” Yebo, mnumzane.

¹⁰⁹ Ngathi, “Qiniso, ngenkathi Ehla entabeni ngalobobusuku futhi wayelambile, ebuka, noma, lolosuku wayelambile, ebheke okuthize ukuba akudle kulezozihlahla zomkhiwane, Waye—WayenguMuntu ngenkathi Elambile, kodwa,” khona lapha, bengikhuluma ngokuthi, “ngenkathi Ethatha lawomabhisikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wazihlephula, futhi waphakela izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu.” Kunjalo. Impela.

¹¹⁰ Wayengumuntu ngenkathi Elele phandle kulowomkhumbi ngalobobusuku, ekhathele kakhulu, amandla ayephumile kuYe ekuphulukiseni abagulayo, Wayekhathele kakhulu kwaze

kwathi amakhulu, amagagasi anamandla awazange ngisho aMvuse, lapho okukhona. . . Ngani, ngiyabona lowomkhumbi omncane wawushukunyiswa laphaya njengesivalo sebhodlela phandle lapho kulololwandle olunamandla, odeveli abayizinkulungwane eziyishumi bolwandle bafunga ukuthi babezoMminzisa ngalobobusuku. Wayengumuntu, elele lapho, ekhathele, kodwa lapho evuka, wabeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe futhi wathi, “Thula, uthi du,” nemimoya namagagasi kwaMlalela, Lokho kwakungaphezu komuntu, Lowo kwakunguNkulunkulu.

¹¹¹ Wakhalela umusa esiphambanweni njengomuntu, kunjalo, kodwa ekuseni ngePhasika ngenkathi Ephula izimpawu zokufa, wagingqa ithuna, wavuka, futhi wenyukela Phezulu, Kwakungaphezu komuntu. Akumangalisi umprofethi athi, noma, imbongi yathi:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude
le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngoluny’usuku Uyeza—o, usuku
olukhazimulayo!

¹¹² Uxhuxhumise izinhliziyi zabantu. Futhi wonke owesilisa noma owesifazane owake wafinyelela egqumeni likabhontshisi kulokhu ukuphila, u-Abraham Lincoln, uGeorge Washington, noma kungaba ngubani, wakukholwa lokho, zonke izimbongi ezansi eminyakeni. UFanny Crosby oyimpumputhe wacula:

Ungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Ngenkathi Ubiza abanye,
Ungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo
yami,
Ngaphezu kokuphila kimi,
Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle
kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

¹¹³ Ngenkathi u-Eddie Perronet, ngenkathi engakwazi ukuthengisa amaculo akhe, futhi akukho namunye wabo owayemlalela, indoda engumKristu esizofa, ngolunye usuku uMoya oNgcwele wehlela kuye, wadumela ipeni wayesebhala iculo lokuthweswa iziqu zemfundo ephakeme. Wacula, wabhala iculo:

Nonke dumisani amandla eGama likaJesu!
Izingelosi maziwe phansi;
Zilethe umqhele wobukhosi,
Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

114 Amen. Amen. O, impela, Wayengaphezu komuntu, WayenguNkulunkulu. Kunjalo. WayengemJuda engengoweZizwe, WayenguNkulunkulu. LeloNgqamuzana leGazi livela ebulilini bowesilisa okwakunguNkulunkulu. UNkulunkulu wadala iNgqamuzana leGazi esizalweni sentombi uMariya, futhi ngaleloNgqamuzana leGazi kuvela iNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayehlala phakathi lapho, iGazi elimsulwa, akukho-cansi oluthintwa kukho nhlobo kanjalo. Futhi ngaleloGazi lisinika ukukholwa ukuba sihambe ngesibindi siye esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu futhi sibize noma yisiphi isithembiso esikuleliBhayibheli, ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso. Kunjalo. Yebo.

115 Abakhonzi abadala beTestamente eLidala baletha iwundlu, babeka izandla zabo phezu kwalo, bathatha ihhuku futhi banquma umphimbo wayo omncane, futhi likhahlela, futhi likhala, futhi lifa, negazi licheka kuzo zonke izandla zomkhonzi, wayazi ukuthi lelowundlu lalifa endaweni yakhe. Kodwa wabuyela emuva waphuma nesifiso esifanayo ayenaso ngenkathi engena, ngoba ukuphila kwakukulelongqamuzana legazi lewundlu kwakungukuphila kwesilwane esasingenamphfumulo, ngakho-ke lalingenakuphila phezu kwesikhonzi. Kodwa manje isikhonzi esake sahlanzwa ngeGazi likaKristu asisenanembeza, noma asisekho isifiso sesono.

116 Nxa umuntu, ngokukholwa, eza kulowoMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, ngokukholwa, ubeka izandla zakhe phezu kwezinyawo zeNdodana kaNkulunkulu futhi ubuka ngaleya eKalvari, futhi wazi konke ukuhlupheka Akwenzile, Umenzele khona, khona-ke leloNgqamuzana leGazi lephulwa eKalvari, lalingesiso isilwane, kanjalo kwakungesiye umuntu, kwakuyiGazi likaNkulunkulu uQobo ukuthi liyabuya futhi linikeza ukuzalwa okusha. LowoMoya ophuma lapho, ungena emoyeni womuntu futhi umenze indodana noma indodakazi kaNkulunkulu. Amen. Lokho ngukuzalwa okusha. Lelo yiVangeli uma ngazi noma yini ngalo.

117 INgqamuzana elaliphakathi lapho, uNkulunkulu wazidala Yena uqobo ngaYe uQobo, Wehla eyiNgane encane, uJehova, futhi wazalelwa esitebeleni phezu komquba, futhi—futhi bekufanele kushaye kubantu, uJehova omncane elele, ekhala esitebeleni. O, he! Futhi sicabanga ukuthi *singumuntu othize*, ngoba...O, he! UJehova edlala njengomntwana, uJehova esebenza njengomuntu, uJehova efa njengomuntu, kodwa WayenguJehova ngenkathi Evuka futhi, Wafakazisa ukuthi WayenguJehova. Impela, Wayenguye. Yebo, mnumzane. Yebo.

118 UJohane wathi, “Ngangazi ukuthi Lowo kwakunguYe, ngizibonile izinto Azenzile, ngiyazi ukuthi akukho

lutho ngaphandle kukaJehova obengenza lokho.” Wathi, “Ngenelisekile, bazalwane. Ngizofaka ubufakazi bami.”

¹¹⁹ Niyazi babenomhlangano wobufakazi phandle lapha olwandle, leyo yindawo enhle yokuba nawo. Wonke umuntu, niyazi lapho wonke umuntu efakaza, awu, iNkosi iyehla futhi ibabusise ngokwejwayelekile, niyazi. Ngakho babenomhlangano wobufakazi, ngenkathi besalindile, benyuntulela. Ngifisa sengathi nje besingaba noyedwa, kulobubusuku, sizonikeza umhlangano wobufakazi lapha. Ake silalele obabo imizuzu embalwa, njengoba benyuntulela. Nawe exolweni lakho elincane, njengoba untweza olwandle oluzothile lwempilo:

Fakaza, ucule, noma ukhuleke,
Futhi njengesinkwa phezu kwamanzi,
Siyobuyela kuwe ngolunye usuku.

Khuluma igama elincane ngoJesu, (Yenza okuthize.)

Fakaza, ucule, noma ukhuleke.

¹²⁰ Yebo, Menzele okuthile, ngenkathi sisantweza phezu kwesikhulu esinesizotha sokuphila. “Umfowethu obhungukile nophihlizeke okomkhumbi, ekuboneni, uyoba nesibindi futhi,” kwasho uLongfellow. Yebo. Ngenkathi sisahamba ngomkhumbi entweni enkulu yempilo enesizotha, ake sinikeze ubufakazi bethu. Asenze into ethize, ukuthi sizoshiya amanyathelo ezihlabathini zesikhathi. Izinyathelo ukuthi mhlawumbe omunye, yebo, umfowethu obhungukile nophihlizeke okomkhumbi, sibona esikwenzile, sizoba nesibindi futhi, senze okunye ukuzama. Wabona lapho umuntu othile wayempofu futhi engenakho, wazama futhi wama ezithembisweni zikaKristu futhi waba yisosha lesiphambano.

¹²¹ Masenze amanyathelo; amanyathelo ezinyawo yifa. UNkulunkulu watshela uJoshuwa, “Nomaphi lapho amathe ezinyawo zakho ehlala khona, Ngizokunika lona.” Imanyathelo ayesho ifa, “Qhubeka futhi ulithole, lingelakho.” Zonke izithembiso eNcwadini, yonke into uNkulunkulu ake ayithembisa ingeyakho.

¹²² Manje, Akazukushanelisisa indlu, futhi athi, “Hamba ulithathe.” Wathi, “Ngininike iPalatine,” kodwa babefanele balwe kuwo onke ama-intshi endlela. Kunjalo. Futhi lonke i-intshi le, njalo lapho uNkulunkulu enza isithembiso, uyolwa nalo lonke iyintshi lendlela, thatha nje inkemba kaMoya neZwi futhi unqume bonke odeveli nokungakholwa kususe kuwe. Sika udedele izintambo zasogwini ezikubamba uboshelwe ogwini, futhi “Hamba ungene ekujuleni futhi wehlisele emoyeni ohelezayo.” Amen.

¹²³ Angizi ameneli mina, kodwa ukuthi *amen* kusho ukuthi, “Makube njalo,” futhi ngiyakukholwa. Ya. Yebo, mnumzane. Abanye abantu uyemesaba u-*amen*, omunye umuntu wesaba

uHaleluya. UHaleluya yigama lesiHeberu elisho ukuthi, “Dumisani uNkulunkulu wethu.” Amen. Uzifanele zonke izindumiso.

¹²⁴ Manje, uJohane wathi, “Ngineqiniso ukuthi Lowo kwakunguJehova.”

¹²⁵ Niyazi, noPetru nje—nje akabange esakwazi ukuhlala lapho kade, ngakho wa—wadingeka anikeze ubufakazi bakhe, awu, wathi manje, “Khona kulolulwandle olufanayo, bazalwane, ngifuna ukufaka ubufakazi bami.” Ake simlalele imizuzu embalwa, fakaza:

¹²⁶ UPetru wathi, “Ngizonitshela ukuthi kwenzekeni. Ngenkathi ngisengumfanyana omncanyana, uMama noBaba babevame ukuma lapho kulologu, ezansi lapho khona lapho izikebhe zethu sasikhona. Ubaba wami wayeyi—yindoda enkulu, wayengumFarisi lapho ebandleni, futhi—futhi wayeyikholwa lokuqina impela. Nokuthi sasivame kanjani ukuguqa phansi lapho ngenkathi sasingenaso isinkwa, futhi sasicela uNkulunkulu ukuba asiphe ukubamba izinhlanzi, Akazange Asehlulekise, sasihamba sithole izinhlanzi bese singena. Ubabayi wangitshela ukuba ngikholwe nguNkulunkulu, ukuba ngikholwe lonke iZwi uNkulunkulu alisho, sonke isithembiso siyiqiniso, ngakho bengihlala njalo ngikukholwa bazalwane.

¹²⁷ “Futhi khona-ke uBabayi wangitshela ngolunye usuku ngenkathi esegugile nezinwele zakhe sezimpunga, wayeqhaq hazela, ngakho wangihlalisa phezu kwe—kwengaphambi lesikebhe ngolunye usuku emva kokubamba okukhulu, wayesethi, ‘Simoni, uyabona ukuthi uJehova usipheni namhlanje na? Mfana wami, ungaMkhohlwa neze.’

“O,” uthi, “ngiyabukhumbula ubufakazi obudala bukaBaba.”

¹²⁸ Abaningi benu bantu bangakhumbula into efana nalokho, ukuthi ubaba wakho omdala nonyoko wayevame kanjani ukukuhlalisa phansi futhi akhulume kuwe ngoNkulunkulu futhi akhuleke nawe. Nkulunkulu, siphe abantu abaningi abanjalo futhi sizoba neMelika yangempela, babahlalise phansi futhi bakhulume nabo, futhi babatshela ngezinto zikaNkulunkulu.

¹²⁹ Wathi, “Ngolunye usuku, esangihlalisa phansi, wathi, ‘Simoni, bengihlala njalo ngikhulekela ukuthi ngizobona uMesiya efika.’ Kodwa wathi, ‘Sengiyaguga manje, ngiyethemba ngeke ngiMbone. Obaba bami ubeMbhekile, futhi nibhekile kusukela le emuva, siba yisizwe futhi saMazi, besiMbhekile eza. Kodwa ngiqagele angeke ngikwazi ukuMbona, Simoni, kodwa mhlawumbe uzombona esizukulwaneni sakho. Simoni, ngaphambi nje kokuba Afike kuyobakhona umbuthano omkhulu wayo yonke into, siyazi, kodwa,’ wathi, ‘Simoni, ungalokothi udukiswe.

130 “Manje, nxa uMesiya efika, ngifuna nikhumbule lokhu: Thina maHeberu, futhi UnguNkulunkulu wamaHeberu, futhi thina maHeberu sifundiswa ukuthi lapho uMesiya efika, Uyoba ngumProfethi, ngokuba uMose wathi, “INKosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa Ogcotshiweyo, umProfethi, onjengami.” Futhi manje, Simoni, lapho Efika, kungahle kubekhona amadoda avukayo futhi enze izinto ezinkulu, kodwa khumbula lento eyodwa, kungahle kube nabafundisi abakhulu abavukayo, kungahle kube nezifundiswa ezinkulu, kungahle kube namahlelo amakhulu ebandla, kungahle kubekhona izinto ezinkulu, kodwa, Simoni, Simoni, mfana wami. . .’

131 “Futhi ngiyambona,” wathi, “wabeka isandla sakhe phezu kwekhanda lami, wayesethi, ‘Simoni. . . O Nkulunkulu, umfana wami makangadukiswa! Kodwa, Simoni, khumbula, ngumBhalo okhuluma ukuthi Uyoba ngumProfethi, ungakukhohlwa lokho.’”

Sengiyamuzwa ethi, “Ngiyacabanga nje ukuthi ubaba wami omdala wangibusisa kanjani lapho. Wayesethi, ‘Simoni, uzokwazi lokho.’”

Futhi wathi, “Bazalwane, ngolunye usuku u-Andreya wenyukela kimi no-Andreya wathi, ‘Ake nisho, niyazi ukuthini? Simfumene uMesiya!’

“O, manje, qhubeka.’

“Wozani, nifanele nibone ukuthi Wenzeni kulokhu ukusa. Yenyukani.’

132 “Awu, ngamlandela. Futhi kwathi nje ngingasukuma eBukhoni baloJesu, niyazi ukuthi kwenzekani na? Ngithe nje ngingangena eBukhoni baKhe, Wangibuka ngqo ebusweni wayesethi, ‘Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.’

133 “Akusikho kuphela ukuthi wayengazi, kodwa wayemazi lowobaba wami omdala, ngakho lokho kwangixazululela khona, WayenguMesiya.” Sengiyambona nje ephakamisa izandla zakhe futhi edumisa uNkulunkulu.

134 UFiliphu wathi, “Uyazi, Mfowethu Nathanayeli, kulungile na?”

“Yebo.”

135 “Simoni, ngenkathi ukhuphuka ngalolosuku, nalokho kwakuxazulula kimi, futhi, ngenkathi ngimi lapho futhi ngezwa lawomaJuda phandle lapho, abantu bakithi, bethi, ‘Lowomuntu ungumbhuli, unguBelzabule, ungudeveli, yilokho akwenzayo,’ kodwa kimi, kwaxazululwa, Lowo kwakunguMesiya, ngangikwazi. Manje, Akadingekanga ukuba angenzele lutho, noma angitshele noma yini, ngiMbonile ekwenzela abanye, ngakho ngakukholwa.

136 “Futhi ngakho-ke, uNathanayeli nami sasibe ngabangane abahle iminyaka eminingi kakhulu, saya esontweni ndawonye

kusukela singabafanyana. Futhi ngagijima ngazungeza intaba futhi ngamthola ngaphansi kwesihlahla, ekhuleka, futhi ngenkathi ngimtshela ukuthi ‘Woza ubone engiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa,’ uyakhumbula, Nathanayeli, owakusho kimi na?”

“Yebo, ngasho lokhu: ‘Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?’”

“Bese-ke tshela abazalwane, khona-ke, ngathini kuwe na?”

“Ngani, wathi, ‘Woza ubone.’” Awu, leyo yinto enhle.

“Uyajabula ukuthi uyeza na?”

¹³⁷ “Angisoze ngakukhohlwa Filiphu, angisoze ngakukhohlwa wena. Ngenkathi ngenyuka uFiliphu wayelokhu engitshela . . .” Waphazamisa ngobufakazi ngokuthi kanjani . . . phambi kukaFiliphu, wayesethi, “UFiliphu wayelokhu engitshela ukuthi leNdoda yayikushilo lokho, uSimoni lapha, engaziyo ukuthi wayengenamfundo, futhi wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni, futhi wamnika elinye igama lika*Petru*, futhi wathi igama likayise kwakunguJona. Futhi ngangibazi bobabili oSimoni noJona, ngathenga inhlanzi kubo bobabili, ngakho ngazi ukuthi lokho kwakunjalo.

¹³⁸ “Ngakho ngathi, ‘Ngiya ngale emhlanganweni, futhi ngizovele ngibuke loMfo futhi ngibone uma lowo kunguMesiya.’ Ngiyazi ukuthi lapho uMesiya efika, impela Wayezoba ngumProfethi.

¹³⁹ “Ngakho-ke, ngenkathi ngiwelela kuYe, niyazi ukuthi kwenzekani bazalwane na? Ngokushesha nje lapho ngenyukela eBukhloneni baKhe, Wathi, ‘Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.’

“Futhi ngathi, ‘Rabi,’” *mfundisi ohloniphekile, thisha*, niyazi, “‘Uke wangibona nini na?’”

“Wathi, ‘Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.’”

Wathi, “‘Lokho kwakuxazulula kimi.’”

¹⁴⁰ UFiliphu wathi, “Manje, ake nilinde umzuzu nje, bazalwane. Niyakhumbula ngaleyonkathi lapho sasisezansi eJeriko na?”

“Yebo.”

“Uyamkhumbula lowomfo omncane, uZakewu na?”

“O,” kwasho abazalwane, “asisoze sakukhohlwa lokho.”

¹⁴¹ Babenesikhathi esimnandi phandle lapho befakaza, nje kuba mnyama, niyazi, mhlawumbe isikhathi eside cishe ngalesisikhathi. Futhi bona, futhi bethi . . . O, nje ukuba nesikhathi esimnandi.

Ngakho wathi, “Niyakhumbula ngenkathi sisezansi lapho, lowomfo omncane uZakewu na? Uyakhumbula ngenkathi efakaza ezansi lapho edineni ngalolosuku na?”

“Yebo, yebo, ngiyakukhumbula.”

“Uyamkhumbula uBartimewu na?”

“Yebo, ngiyakhumbula.”

¹⁴² “Manje siyakhumbula ukuthi uZakewu wayenenkosikazi, futhi igama lakhe kwakunguRebekah, futhi wayeyikhulwa elithandekayo eNkosini uJesu. Ngakho, wayekhulekele ukuthi umyeni wakhe, owaye.. Enye yezinsika ezinkulu phezulu ebandleni kwakunguRabi Lavinski.” Ngethemba ukuthi akukho-muntu lapha onalelogama, kodwa lelo yigama eliyinganekwane nje engilnikeza indaba yami.

¹⁴³ “Wathi wayeyinsika enkulu kwelinye lamabandla, ngakho uRabi Lavinski wamtshela, wathi, ‘Manje, awume kancane nje, ungawukholwa lowombhedo. Lowo wesifazane wakho uphatheke kabi kancane nje, lowomfo akasuye umprofethi, kade singenabo abaprofethi amakhulu ngamakhulu ngamakhulu eminyaka. Ungakukholwa lokho, leso yisigejane sobuhlanya, njengaleyondoda yasendle izama ukuminzisa wonke umuntu ezansi lapho eJordani, uJohane; uHerodi wamnquma ikhanda. Lomfo uzofika e—ekupheleni ngolunye lwalezizinsuku. Ningayikhulwa leyonto.’

¹⁴⁴ “Futhi niyakhumbula uZakewu wacabanga ukuthi urabi wayeqinisile, ngoba wafundiswa ukuba akholwe ukuthi urabi wakhe wayeqinisile impela. Manje, sithola ukuthi, niyazi, kodwa uRebekah wasicela sonke ukuba sikhulekele uZakewu. Futhi sonke sasikade sikhuleka, ngoba siyazi iNkosi yethu yayehlela lapho ukuyobamba umhlangano ngolunye usuku.

¹⁴⁵ “Ngakho sehlela lapho ukuyobamba umhlangano ngalokho kusa, noRebekah wasitshela ukuthi uZakewu waba nokungahlaliseki ngempela. Futhi wayemkhulekela ubusuku bonke, ukuthi wayezokwazi ukubona uJesu ngosuku olulandelayo, ngoba wayazi ukuthi kwakuzobakhona ohambisana naYe nabanye abamelene naYe.” Kungaleyondlela kuyo yonke imihlangano.

“Ngakho, ngakho, wathi wayenakho, wehlela lapho, kusesekuseni kakhulu wavuka wayesezilungisa wayeseqoka ingubo yakhe enhle kunazo zonke, wayesephuma.

“Wathi, ‘Zakewu, uyaphi na?’

“‘Ngiyaphuma nje ukuyothola umoyana kulokhu ukusa, ngizizwa ngivimbene, angizange ngilale kahle izolo ebusuku.’

“Waphenduka, wathi, ‘NgiyaKubonga, Nkosi, ngiyaKubonga. Usebenzana naye, Usebenzana naye.’”

146 Yilokho ebesifanele sikwenze, nina besifazane khulekelani abayeni benu kanjalo, niyabo, ngakho, nani madoda khulekela umkakho, futhi, futhi manje, nina bantwana khulekelani abazali benu abaphiyazayo, futhi, ngenkathi nisenza lokho, niyabo.

147 Ngakho manje-ke, ba . . . “Wehlela emgwaqeni, wasitshela, futhi wama lapho, ezansi ngqo esangweni, ngoba wayazi ukuthi uJesu wayehla evela eJeriko. Ngakho wathi . . . ngenkathi yena—yena, ehla, e, ehla evela eJerusalema eya eJeriko, esuka entabeni.

148 “Ngakho-ke, ngenkathi siya ngele esangweni, wayengumfo omncanyanyana, niyazi, ngakho akakwazanga, u—wayengeke abheke phezulu phezulu kwabantu, wayengumfo omncane. Ngakho wagijima wehlela komunye uMgwaqo ophahlwe yizihlahla othiwa uHaleluya, khona lapho uMgwaqo uNkazimulo ugijimela kuwo, futhi kwakukhona i . . .” Yilapho njalo othola khona uJesu, kuMgwaqo ophahlwe yizihlahla uHaleluya eMgwaqeni uNkazimulo, ngakho-ke wayazi ukuthi Wayezodlula ngaleyondlela, futhi, yileyondlela mina, noma yimuphi wethu esiMthola ngayo, kulowomgwaqo.

149 “Ngakho wabuka phansi lapho wayesethi, ‘Uyazi ukuthini? Uzoba ngalapha, kodwa uyazi ukuthi lesosixuku esifanayo sihamba naYe nomaphi lapho Eya khona.’” Kunjalo, kunjalo, sihamba naYe nomaphi lapho Eya khona. “‘Futhi khona-ke, bazoba lapha, ngakho ngizoba mncane ngaleyonkathi njengoba nginjalo manje, ngakho angizukuba ngcono lapha, kunokuba bengiyoma esangweni.’” Isizathu babelenga ezintangweni ezansi lapho, naphezu kodonga, beMlindele. “‘Ngakho niyazi ukuthini? Ngikholwa ukuthi ngizokhwela kulesisihlahla lapha, khona-ke sengingamBona.’

150 “Ngakho uya ngale wase ethatha umgqomo kadoti futhi awupakishe bese ewubeka phansi, ukotela phezulu esihlahleni, niyazi, wenyukela lapho. Futhi wathola lapho amagatsha amabili ahlangukhona khona ukuze azenzele isihlalo esihle, ahlale phansi,” (Leyo yindawo enhle yokuhlala phansi futhi ukucabangisise, mfowethu, lapho kuhlangukhona khona izindlela ezimbili, eyakho nekaNkulunkulu.) “kucabangisise, uhlezi lapho egatsheni.

151 “Futhi wathi wahlala phansi lapho, futhi uqala ukuthi, ‘Manje, ngiyokwazi kanjani lapho Efika na? Lapho Efika ngapha, Uyojika lokho, kusukela eMgwaqeni uNkazimulo lapho, ehla ngoMgwaqo ophahlwe izihlahla uHaleluya, futhi lapho Ejika lapha, ngizothola ukuMbuka kahle, ngoba Uyoba maphakathi nomgwaqo lapho Edlula, nabanye balabobantu beqhelisa wonke umuntu kuYe, ngizothola ukuMbuka kahle. Niyazi, uRebekah wangitshela ukuthi Lowo kwakungu, leyoNdoda yayingumProfethi, ukuthi Yayingavele nje . . . YayinguMesiya ngempela. Manje, uma Engumprofethi, UnguMesiya, kodwa uLavinski wangitshela

ukuthi Wayengesuye umprofethi, Wayengukuzenzisa nje, Ungumprofethi wokuzenzisa nje.

152 “Futhi manje-ke kulokhu ukusa futhi, umpristi wehla evela phezulu lapho eJeriko, wayeyinhloko yenhlangano yabefundisi, futhi wehlela lapha ukubona ukuthi babengeke babe nenkonzo yokuphulukisa lapha, ngakho waxosha leyondoda endala eyimpumputhe isuke esangweni phandle lapho inxiba, uBartimewu omdala, niyabo. Ngakho uphakathi lapha ukubona ukuthi abanayo inkonzo yokuphulukisa ngapha phakathi kwalababantu. Ngakho ngiqagele nje yisigejane sobuhlanya, empeleni, ngakho ngizohlala lapha.

153 “Manje, awume kancane, kuthiwani uma Ejika kulelokhona na? Ubeyongibona ngihlezi phezulu lapha kulesisihlahla. ngiphakeme kakhulu impela, kodwa niyazi, uma ngizodonsa athi awabe mabili alamaqabunga amakhulu phansi kanje, futhi ngithi ukuzifihla, Akasoze angibone. Futhi ngizothola ukuMbuka lapho Edlula, khona-ke ngizobuyela emuva futhi ngitshele uRebekah konke ngaYe, ngizobatshela ukuthi akukho lutho kulowoMfo. Ngiyazi nje ukuthi angizukuMkholwa, qhabo, mnumzane. Ngakho, Akazukungibona; nami ngihlezi phezulu lapha nalodoti yonke indawo kimi, empeleni, emgqonyeni kadoti.”

154 Uyazi, lapho u, lapho uthatha umcabango wokuhlangana noJesu, Uyokwenza wenze ezinye zezinto eziwubuwula kunazo zonke, Uyo—Uyovele nje onakalise sonke isithunzi sakho. Ucabanga ukuthi ungeke uklabalase, futhi ukhale, futhi *buu-huu*, kodwa uzokwenza uma ufuna ukuMbona, uzo—uzokwenza nje noma yini ukuba uMbone. Kunjalo.

155 “Ngakho nango wayehlezi, wathi, ‘Uma-ke owami, ezinye izimbangi zami zifika, futhi zingibona ngihlezi phezulu lapha na? Ngakho ngizovele ngizifihle kahle ngempela, ukuze kungabikho-muntu ozongibona.’ Ngakho wadonsa onke amaqabunga amzungeza wayesebeka amatatsha ngakuye ukuze kungabikho-muntu owayengambona.” Futhi washiya iqabunga elilodwa elincane lomnyango, o, mhlawumbe into enjenga *lena*, futhi walishiya lapha, futhi engakwazi ukulidonsela phansi, abuke futhi abone ngenkathi Wayeza, bese-ke elidonsa libuyele phezulu futhi.

156 “Wathi, ‘Ngi—ngizoMbona, futhi khona-ke ngizokwazi lapho ngiMbuka, ngingasho ukuthi Ungumkhohlisi. Akalutho ukwedlula noma yimuphi omunye umuntu, yilokho kuphela. Futhi ngizotshela uRebekah lapho sengibuyela emuva, “Deda kumkhohlisi onjengaLowo,” yilokho kuphela.’

157 “Emva kwesikhashana nakho kufika umsindo.” Into exakile, yonke indawo lapho uJesu ekhona kukhona inqwaba yomsindo, angazi ukuthi kungani kunjalo, kodwa yi—yisibonakaliso sokuthi kukhona ukuPhila lapho.

Niyazi ngenkathi umpristi engena endaweni ephakeme... indawo engcwele wayenepomegranati nensimbi, wayefanele abange umsindo ukuze abantu bakwazi ukuqonda ukuthi wayesaphila. Ngicabanga ukuthi amanye alamabandla adinga ukungcwatshwa, asefile kudala, awuzwa-msindo nhlobo. Kufana nendawo egcina izidumbu esikhundleni se—sendawo ephilayo, indawo yomlilo kaNkulunkulu.

¹⁵⁸ “Khona-ke wathi, ‘Ngizohlala emuva lapha manje futhi ngizoMbhekisisa.’ Futhi cishe ngalesosikhathi, wezwa umsindo uza, waqalaza ekhoneni, wathi, ‘E-hhe, Uzobe eza.’”

¹⁵⁹ “Wabona lomdobi omkhulu ephumela lapho, ebafulqela eceleni, ‘Ngiyaxolisa, bafo, uMfowethu—wethu—wethu ukakhulu, kakhulu, a, iNkosi yethu ikhathele kakhulu, kakhulu, Ibiphumile ubusuku bonke. Isendleleni yaYo ezansi lapha ukubona abanye abangani baYo. Ngiyaxolisa, ngeke nje sibe nesikhathi,’ kuhle kakhulu.

“Futhi abaphostoli bayafika, ‘Ngiyaxolisa, sifanele senze lokhu,’ ofana nomnumzane ohloniphekile impela.

¹⁶⁰ “Futhi—futhi ngakho, ngiqagele uZakewu ufanele ukuthi washo, wathi kubo, ‘Uyazi, kuyinto encane exakile, kodwa lawomadoda angabanumzane abahloniphekile.’” Niyazi, noma ubani okhonza iNkosi uJesus ungumnumzane ohloniphekile, niyabo, ngakho-ke, ngobumnene.

¹⁶¹ “Ngakho-ke, emva kwesikhashana, Ufika ekhoneni, wathi, ‘Uyazi ukuthini? LowoMfo ubukeka ethe ukwehluka kancane. Ngi—ngi nje, Yena...’” Niyazi, akekho umuntu ongake abuke uJesus futhi aphinde afane, uyoba ngumgxeki omubi kakhulu, noma umuntu ongcono, yilokho kuphela, niyabo.

¹⁶² “Ngakho wathi, waMbhekisisa, wayenalelicembe, wathi, ‘Manje, Akasoze angibone, Akasoze angibone. Manje, uRebekah wathi WayengumProfethi. Ngakho, Akasoze angibone.’”

¹⁶³ “Futhi waMbhekisisa nje waze Wehla ngqo *kanjalo*. UJesus uyafika nekhandla laKhe libheke phansi, ehamba njengoba Wayevamise ukwenza ekunyatheleni kwaKhe okwejwayelekile, wahamba ngqo ngaphansi kwesihlahla, wayesebheka phezulu, wayesethi, ‘Zakewu, yehla, Ngiya ekhaya nawe siyodla idina.’”

“Niyakhumbula ukuthi uZakewu wathini na? Lokho kwakhipha sonke isitashi kuye. Yebo, mnumzane. Isizathu wayazi ukuthi WayengumProfethi.

¹⁶⁴ “Futhi uyakhumbula na?” UFiliphu wathi, “Niyakhumbula bazalwane, ngenkathi siphuma ngesango, futhi thina, lobo obunye ubufakazi esabuthola ngaphandle kwesango na? Lapho niyazi, bezwa umsindo uza, ngenkathi uBartimewu efakaza kithi, wathi wayekade ehlezi lapho ephupha ngezindaba zeBhayibheli umama wakhe ayemxoxele zona ngenkathi esengumfanyana, njengoba nje uJohane wayefakaza ngakho,

futhi esho ukuthi umama wamtshela kanjani ukuthi uJehova wayemkhulu kangakanani, nokuthi kukanjani lokho ezansi ngqo ngalowomgwaqo ofanayo, lawomatshe aqoshiwe lapho ayehlezi khona, ukuthi u-Elisha noEliya beza, bebambene ngengalo behla ngqo ngalowomgwaqo, behla ukuwela iJordani.” Amen!

165 “O, ukuba ngangiphile ngalolosuku, ngangiyogijimela kubo bese ngithi, “O baprofethi bakaNkulunkulu, ngihawukeleni futhi ningikhulekele,” neNkosi ibiyovula amehlo ami. Kodwa, maye, urabi uyangitshela, umpri, ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

166 “Futhi ngiyakhumbula-ke ukuthi uJoshuwa wawela umfula,’ kwasho—kwasho uBartimewu, ‘wawela umfula hhayi amayadi angamakhulu amahlanu ukusuka lapho engihlezi khona, noJoshuwa omkhulu, uNkulunkulu, wabuyisela amanzi emuva ngenyanga ka-Aphreli ngenkathi sekusondele impela imayela ukunqamula isigodi lapha, futhi wawabuyisela emuva, futhi ama athula, namanzi abamba indawo yawo, phezulu ngaleya e—e—ezintabeni. Amanzi ayiqhwa abamba indawo yawo ngenkathi ama-Israyeli ayizigidi ezimbili nengxenye emasha ngaphesheya futhi akha ikamu.” O, he!

167 “Ukuba kuphela bengihlezi lapha ngaleyonkathi! Futhi ngihlezi emadwaleni, khona lapha kulokhu ukusa,’ wathi, ‘awa ngenkathi uJoshuwa, bebetha icilongo, noNkulunkulu wawisa izindonga, nendlu yesifebe uRahabi yama, ngoba wakholwa.’

168 “Kwase kuthi-ke uJoshuwa, ngolunye usuku ngenkathi ephandle, indoda enkulu, ehambahamba, ebuka emasimini, ebona ukuthi kukhulu kanjani. . . ebuka isimo, wabona iNdoda imi nenkemba yaYo ihoshiwe, noJoshuwa wahosha inkemba yakhe, wahamba ukuyoYihlangabeza, wathi, “Ukanye nathi, Ukanye nezitha zethu na?”

“Yathi, “NgiyiNduna yebandla leNkosi.”

“UJoshuwa walahla isigqoko sakhe sesivikelo, wayesephonsa phansi isihlangu sakhe, wawisa inkemba yakhe, wayesewa ngamadolo akhe.

169 “O,’ kwasho uBartimewu oyimpumpithe, ‘ukuba kuphela ngangilapho ngaleyonkathi, ngangiyogijimela kuleyoNduna eNkulu futhi ngithi, “Nduna eNkulu yebandla leNkosi, ngihawukele, impumpithe.” Ngiyokwemukela ukubona kwami.” Yayingazi impela ukuthi phakathi kwamayadi ayikhulu kuye leyoNduna efanayo yayiza, ihamba ibheke ngasesangweni.

170 O, uma leliBandla belingaqonda, kulobubusuku, leyoNduna efanayo, “Angisoze nganishiya noma nginilahle. Ngiyoba nani njalo, ngisho nasekupheleni kwezwe. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina,” iBandla

elikhethiwe, “nizoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyoyenza, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa, izwe,” uhlelo lwezwe.

¹⁷¹ Manje qaphelani, futhi wathi, “Niyakhumbula ukuthi uBartimewu oyimpumpu the wafakazani na? Ngenkathi Edlula, wathi bonke abantu babedazuluka futhi abanye bempongoloza, ‘Akahambe lowomkhohlisi!’ Futhi babeMjikijela ngamaqanda abolile notamatisi abavuthwe ngokweqile. Manje, wathi wayemuzwa lowompristi ethi, ‘Heyi, wena owavusa abafileyo! Ungitshela ukuthi bavusa umuntu ofile othiwa uLazaru, sinendawo yamathuna egcwele bona phezulu lapha, yenyuka futhi uvuse abanye babo, sizokukholwa.”

¹⁷² Niyabo, lowodeveli ofanayo omdala na? Ofanayo uza kuYe, wathi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yenza okuthize lapha phambi kwami. Uke...? Kukhona amabandla athize afuna ukwazi lokho.”

“Sinempumpu the ihlezi ekhoneni, hamba uyinike ukubona kwayo, nina baphulukisi ngokukaNkulunkulu.”

“NginoMfowethu *S’bani-bani* omdala othengisa amapensela ezansi lapha, woza umphulukise.”

Khumbulani nje ukuthi yilowodeveli ofanayo omdala owathi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yala lamatshe ukuba aphenduke izinkwa.”

¹⁷³ Ngolunye usuku babeka indwangu endala ekhanda laKhe *kanjalo* base beMsonga ngayo, base bethatha induku futhi baMshaya phezulu ekhanda emagecekeni kaPilatu, base bethi, “Uma ungumprofethi futhi ungazi izimfihlo zezinhliziyi, uma unguMesiya, futhi uma ungumprofethi, sitshela ukuthi ubani okushayile.” Akawuvulanga umlomo waKhe futhi asho iZwi. Akahlekiseli abantu, uNkulunkulu akahlekiseli abantu, Uvele athi, “Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise. ENgibona uBaba ekwenza, yilokho nami eNgikwenzayo,” uJohane oNgcwele 5:19.

¹⁷⁴ “Futhi niyakhumbula, uBartimewu wasitshela,” kwasho uFiliphu... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “...?... ukuthi simzwile uZakewu efakaza edineni, esikhashaneni esedlule, ngalokho Akusho kuye, futhi wazi ukuthi wayesihlahleni ngaphezu kwaKhe, futhi wazi ukuthi igama lakhe kwakunguZakewu, futhi wambiza waphuma esihlahleni wayeseya naye ekhaya eyodla idina. UZakewu nje uthungela umuzi ngomlilo ngakho. Awuyazi imiBhalo, mnumzane na?”

“O, niyakhumbula ngenkathi ngisengumfanyana umama wayevame ukungifundela imiBhalo egoqwayo. Kodwa Ubani lo okhuluma ngaye na? UJesu Muphi na?”

¹⁷⁵ “UJesu waseNazaretha. UngumProfethi waseGalile, baMbiza, kodwa ngempela, UnguMesiya. Wenza isibonakaliso

sikaMesiya, UngumProfethi. Awu, uyazi u—uMesiya uyoba ngumProfethi.”

“Impela. Awu, waMazi kanjani na?”

“Ngiyinceku yaKhe.”

¹⁷⁶ Niyazi, zonke izinceku zikaJesu, izinceku zamanenekazi zinomusa, nezinceku zesilisa zinomusa, ucabangela abagulayo nabahluphekile. Lapho umhlangano ufika edolobheni, babiza wonke umuntu futhi bazame ukubathola ukuba baphume. Bona, niyazi, ba—bazama ukwenza okuthize, bayabathanda abantu, abafundi bakaJesu beqiniso. Uyakukholwa lokho awukukholwa na? Ngethemba ukuthi lokhu kuyacwila.

¹⁷⁷ “Ngakho—ke into yokuqala niyazi, wathi kuye, wathi, ‘Awu, impela, yebo, ngi—ngi—ngi, niyabo, ngingumfundi waKhe. Futhi ngakho, uDadewethu Rebekah nami bengikhuleka, lowo—lowo nguZakewu. . .’ Wathi, ‘Uyamazi uZakewu na?’

“O, yebo, unginike izinhlamvu zemali phambilini. Awu, lokho. . . Futhi Ukuphi na?”

“O, Uyehla le ngomgwaqo manje.”

“Uyahamba, ‘O, o!’ Waphosa phansi ibhantshi lakhe, wayesempompoloza, ‘O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele!’

“Abanye babo bathi, ‘Thula, uhlale phansi, uyeke ukubanga umsindo ongaka.’ Niyabo?”

“O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.”

¹⁷⁸ Manje, ukukhuluma ngokobuntu, Wayengeke amuzwe. Yena, uma nibona lapho amasango ayehlezi khona nalapho uJesu ayekhona ngenkathi kwenziwa isimangaliso cishe amayadi angamakhulu amathathu namashumi amahlanu. Niyabo? Naso sonke lesosixuku silandela lapho futhi simpongoloza, “Yethi, yethi kuyo—kuyo iNkosi yabaJuda!” Noma igama elithize elithukayo. Abanye bampongoloza, “Hosana, kumProfethi!” Futhi besho yonke into, Akazange akuzwe. Kodwa Wathi. . .

¹⁷⁹ Sengathi ngiyabona nje ngibona uBartimewu ewa ngamadolo akhe futhi ethi, “O Jehova, bengicabanga ngaWe.” Lokho kungenkathi Edlula, kungenkathi ucabanga ngaYe. Yeka ukucabanga ngezinto zezwe, nokuthi ubani ozoba ingcweti yamabhayisikobho elandelayo, noma ngisho uMongameli olandelayo, futhi ucabange ukuthi Ubani uKristu ozayo, khona—ke uzoMbusisa.

¹⁸⁰ “O, o, Jesu, Wena Ndodana kaDavide, Nkosi Jehova Nkulunkulu, uma Leyo kuyiNdodana yaKho, uma IyiNdodana kaDavide, uma leyo ingumProfethi, ngani, Ungakhuluma kuYo. O ngihawukele, ngihawukele.”

¹⁸¹ Futhi uJesu, nezono zezwe zisemahlombe aKhe, Wayeqonde ngqo phezulu eJerusalema ukuba abethelwe.

O Nkulunkulu, isono sawo wonke owesilisa nawo wonke owesifazane owake waphila, noma oyoke aphile sasiphumule phezu kwaKhe, umthwalo wokuthi ngabe siyosindiswa yini, umthwalo walomhlangano kulobubusuku, ubuphezu kwamahlombe aKhe, kodwa ukukholwa kwesinxibi esisodwa esiyimpuputhe kwaMmisa, iBhayibheli lathi Wama. Ngifisa sengathi benginamaviki ambalwa nje ukuba ngihlale lapha, ngingathanda ukushumayela ngokuthi *Wayese-ke Ema, UJesu Wama Wathula*.

¹⁸² Ukukholwa okukodwa kwesinxibi kwaMmisa, futhi Wama wathula. Kwenziwa yini na? Ukukholwa kwaKhe kwaMthinta, njengowesifazane nje owathinta ingubo yaKhe, “Ubani oNgithintile na?”

¹⁸³ “Futhi Waphenduka, wathi, ‘Mletheni lapha. Uthanda ukuba ngikwenzeleni na?’ Ukukholwa kwaKhe kwakuMthintile.” Njengoba nje uMthinta lapha ebusuku, niyabo, into efanayo.

“Futhi niyakhumbula bazalwane ukuthi kwenzekani na? Wathola ukubona kwakhe. Manje, niyakukhumbula lokho na?”

“Yebo, bazalwane,” kwasho abazalwane kuFiliphu, “Ngiyakukhumbula lokho.”

¹⁸⁴ Kufanele ukuthi kwakungu-Andreya, wathi, “Niyakhumbula ngalolosuku lapho sonke senyukela emthonjeni, ngenkathi siye eSamariya ukuyothola esizokudla na? Senyukela emthonjeni, futhi sibone lona wesifazane waseSamariya.”

¹⁸⁵ Siyazi Akazange akwenze lokho ngaphambi koweZizwe, Wathi kuyoba ngokomunye unyaka, Wayezokwenza Yena uqobo komunye unyaka kwabeZizwe, kodwa abakholwanga nguYe. Uza kuphela kulabo, futhi Azikhombise kulabo abamlindile, yilokho kuphela. Kunjalo. Yiyona kuphela Ayembulayo, Azembula Yena uqobo.

Manje, bhekisisani, njengoba sesivala emizuzwaneni embalwa nje.

¹⁸⁶ U-Andreya wathi, “Sonke sathi nyelele saphuma ukuba sithole ukudla, futhi lapho sesibuya, niyakhumbula sabhekisisa owesifazane eza, ehambahamba ekhuphukela emthonjeni, futhi sasazi ukuthi wayephawulwe njengowesifazane onegama elibi na?”

“Yebo, ngiyakukhumbula,” bonke.

¹⁸⁷ “Futhi sathi nyelele sazungeza emva kwendawo lapho futhi sezwa okwashiwo, futhi ngenkathi Ekhuluma naye kancanyana, futhi Wathi, ‘Hamba, ulande indoda yakho.’

¹⁸⁸ “Futhi wathi, ‘Anginayo.’ Niyakhumbula ukuthi izinhliziyo zethu zehluleka kanjani na? Futhi sathi, ‘O, he, he! Kunesikhathi esisodwa Enza ngaso iphutha, owesifazane uyakuphika.’”

189 O, impela, bangahle bakuphike, uSara wakuphika, naye, wathi, “Angizange ngikusho.”

190 Kodwa iNgelosi yathi, “Yebo, kodwa ukushilo.” Futhi ngifuna ukuninika ichashaza elincane lomusa lapha, UNkulunkulu wayeyombulala ngaso lesosikhathi, kodwa Akakwazanga, wayeyingxenye ka-Abrahama. Ezonweni zethu, besiyohlatsywa nguNkulunkulu, ukuba besingesiyi ingxenye kaKristu, U...kuyakubamba. Niyabo? Singu—nguMlobokazi, kuyakubamba. Yebo, mnumzane. Yilokho uBalami ehluleka ukukubona ezansi lapho, njengoba besikhuluma ngakho ngobunye ubusuku. Niyabo?

191 “Yebo, yebo, siyakhumbula.”

192 “Kodwa Waqalaza, Wathi, ‘Usho iqiniso. Ubumamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.’ Akazange...? Futhi wagijimela emzini. Futhi niyakhumbula ukuthi wathini kulokho, kuYe na?”

“Wathi, ‘Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.’

193 “Manje, umehluko onje pho phakathi kobufakazi bakhe nalabo baFarisi ababesanda kusho ngakho! Bathi Wayengudeveli. Futhi Wabatshela ukubiza umsebenzi kaNkulunkulu ngodeveli kuyobahlukanisa no, njalo, noNkulunkulu. Niyabo? Futhi ngakho, Wathi, ‘Awu, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa.’”

194 Manje, wathi, “Niqaphelile yini, wagijimela emzini wayesethi, ‘Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya lona na?’ Futhi khonake sonke sasenelisekile futhi sazi ukuthi WayenguMesiya.”

195 Ngenkathi befakaza, beningeke yini nithande ukuba nihlale kulowomkhumbi nibalalele na? O, he! Kodwa singabalalela, futhi, niyabo, sisanda kuthola ubufakazi babo, ukuthi—ukuthi bayothini. Ngakho lowomhlangano wobufakazi uqhubeka, nakho konke, babekade benesikhathi esikhulu ngalolosuku, niyazi, umhlangano omkhulu. Kwakuyi gett-...

196 Niyazi ukuthini? USathane ufanele ukuthi walunguza phezu kwamazinga esihogo, futhi wababona phandle lapho emanzini benomhlangano wobufakazi ngaphandle koBukhona baKhe. Futhi ngenkathi benza, niyazi, babehambe ngaphandle kwaKhe. Futhi bona...

197 USathane wathi, “Nanti ithuba lami, bahambile ngaphandle kwaKhe.” Kunjalo. Leyo yinto efanayo eyenzekile manje, USathane ulibonile ibandla lihamba liyongena ebholidini elikhulu lokutamasa, nokutamasa okukhulu kwesimodeni, futhi ushiye uJesu. Kunjalo.

198 Konke esicabanga ngakho ukuthi bangaki esingabathola enhlanganweni yethu; ukuthi isonto elikhulu kangakanani

esingalakha kunabo bonke abanye. Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Esikudingayo ngukubuyela eBhayibhelini.

¹⁹⁹ Bukani indlela abantu bakithi abayiyo, lapho ibandla libuthakathaka khona, nokukholwa kubuthakathaka, nabantu bavele nje, ungeke wabahlukanisa kunoma ubani omunye, nobufakazi babo bubuthakathaka. Futhi—futhi bahlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba babuke uhlobo oluthile lohlelo lwethelevishini esikhundleni sokuya enkonzweni. Futhi—futhi baxoxa amahlaya, kanti bona futhi, abaningi babo baqala ukwenza izinto engalungile.

²⁰⁰ Nabesifazane sebeqale ukugqoka njengezinto zezwe, futhi bephungula izinwele zabo, futhi befake upende nezinto kubo bonke, ne—nezinto, namadoda ebhema osikilidi, izigazu, nezinto ezinjalo, futhi behlala ebandleni, bethatha isiphuzo esincane sokuzijabulisa nobasi wabo, “benokuzijabulisa okuncane okuhlanzekile,” bephuma nonkosikazi wendoda elandelayo, nazo zonke izinto ezinjalo, beqomisana namantombazane emgwaqeni, bephendula izintamo zabo bebuka abesifazane begqoke ingxenye. Impela. Kunjalo. Ngiyazi lokho kuyalimaza, kodwa lelo yiqiniso, mfowethu. IZwi likaNkulunkulu linguMsoki, o “nquma inyama eseleyo,” yilokho impela okuyikho.

²⁰¹ “Ukuba nokuhlanzekile okuncane nje, ukuzijabulisa kweMelika,” lokho okungahambisani noMbuso kaNkulunkulu, akuhlangene noMbuso kaNkulunkulu, lutho nhlobo. Malibongwe iGama leNkosi! Besifanele siziphathe njengezinceku zikaNkulunkulu. Besifanele . . .

²⁰² Lapha esikhathini esithize esedlule, ngenkathi benobugqila lapha eningizimu, babevame ukuthatha izigqila futhi bazithengise emakethe, njengoba ubungenza ngehhashi, noma okuthize, akukaze kube kuhle. UNkulunkulu—uNkulunkulu wenza umuntu, umuntu wenza izigqila. Bese kuthi-ke lapho benza lokho, babedlula bese bethola incwadi yokuthengisa esidalweni esingumuntu, futhi bazikhiphe futhi bazithengise, futhi bazithengisele ukure- . . .

²⁰³ Ngoluny’usuku kwakukhona umuntu othenga athengisele abanye owafika ukuba athenge izigqila, wathi, “Zingaki onazo na?”

Wathi, “Cishe ikhulu laphaya.”

²⁰⁴ Waphuma ukuba azibuke. Zazidabukile, zazifika, amaBhunu aziletha zisuka e-Afrika futhi bazifaka ezansi lapha ngaseCuba, bese-ke beziletha futhi bazithengisela abaseMelika lapha zibe yizigqila. Bese kuthi-ke, zazingasophinde zibuyele ekhaya futhi, zaziyofela lapha. Zazikude noBaba, zikude noMama, zikude nabantwana, zehlukanisiwe, kwakuyinto embi kabi. Futhi zazingasebenzi, babefanele bazibhaxabule, bazenze zisebenze, ngoba zazidabukile kakhulu.

205 Kodwa lona othenga athengisele abanye waqaphela lensizwa eyodwa, mfowethu, kwakungadingeki ukuba uyibhaxabule. Yayikukho ngqo, phezulu ngqo nakukho, isifuba emuva nekhanda lakhe libheke phezulu.

Lowomthengi wathi, lowo othenga athengisele abanye wathi, “Awusho, ngifuna ukuthenga lesosigqila.”

Kodwa umnikazi wathi, “Asithengisi.”

Wathi, “Awu, kungani singathengisi na?”

Wathi, “Isizathu, angisidayisi.”

Wathi, “Ngabe—ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?”

Wathi, “Qhabo, siyisigqila nje.”

Wathi, “Ngiqinisekile usiphakela ngokwehlukile kunazo zonke.”

Wathi, “Qhabo, mnumzane, sidla emkhunjini kanye nazo zonke ezinye, siyisigqila nje.”

Wathi, “Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye na?”

206 Umnikazi wathi, “Ngamangala isikhathi eside, futhi. Kodwa ngoluny’usuku ngathola ukuthi uyise, ngale ezweni lendabuko, uyinkosi yesizwe, futhi nakuba engowezizwe, kude nekhaya, usalokhu azi ukuthi uyindodana yenkosi, futhi uziphatha njengayo.”

207 Uma lokho bekungenza iNigro, lazi ukuthi uyise uyinkosi e-Afrika, ukuba liziphathe phakathi kwabantu bakhe njengendodana yenkosi, bekufanele kwenzeni kuwe nami ozelwe kabusha ngoMoya kaNkulunkulu na? Hlobo luni lwempilo esifanele sibe yilo na? Hlobo luni lwendlela esifanele siziphathe ngayo na? Hhayi njengontekenteke, futhi ahlehle, futhi ashukunyiswe yiyo yonke into, nokukholwa uhhafu, nezinto zezwe nokugabavula phakathi. Siphakamisele amakhanda ethu ngaseKalvari, futhi sikholwe lonke iZwi uNkulunkulu alisho naso sonke isithembiso, futhi siziphathe njengamadoda nabesifazane bakaNkulunkulu. Ningagqoki njengalaboJezibele, futhi niziphathise okwabo lapha. Kunjalo. Ungakwenzi lokho, kuyadabukisa.

208 Munye kuphela owesifazane owake wazipenda ukuba ahlangane noNkulunkulu, e, ukuba, angalokothi ahlangane noNkulunkulu, eBhayibhelini munye kuphela owesifazane owake wasebenzisa upende, nalowo kwakunguJezibele, uNkulunkulu wamphakela izinja. Ngakho, niyabo, uyinyama yenja nje kwasekuqaleni, ukuze kuthi—kuthi, ebusweni bukaNkulunkulu, ngakho khumbula nje, mfowethu.

209 O, besifazane, madoda, qondani! Nina madoda, ningakumela kanjani na? Ubungamyeka kanjani umkakho abheme osikilidi,

futhi aphumele emgwaqeni futhi aziphathe kanjalo na? Yini indaba na? Usuhambe ngaphandle kwebandla.

²¹⁰ Nina bantu bePentecostal, yini indaba ngani na? Yini indaba na? Wasuka waya esakhiweni esikhulu noma ukuthukuthela kwengane kwenhlangano, futhi washiya uJesu ngaphandle esithombeni.

²¹¹ Esikhundleni sokuthola umshumayeli oyifeshini endala owayeyoshumayela iqiniso, unomunye umfo osasitabane okhuphuka ngokunye, esikoleni esithize, mhlawumbe umzukulu kaNkulunkulu ocabanga kakhulu ngethikithi lokudla kunoma enza ngeBhayibheli, futhi engeke akhulume iqiniso ngaLo. Esikudingayo ngamadoda azoshumayela iVangeli futhi aliphathe ngamandla kaNkulunkulu, akhulume iqiniso, kungakhathaleki uma inhlangano iyamkhahlela imkhiphe. Kwenza mehluko muni na? Yebo, mnumzane. Sidinga amadoda kaNkulunkulu agcotshwe ngoMoya oNgcwele azoshumayela iVangeli kungakhathaleki ukuthi inhlangano noma ihlelo lithini ngakho. Akwenzi mehluko empeleni, nguNkulunkulu esingowakhe. Amen!

²¹² O, he! Ngizizwa ngikholwa. Yebo, mnumzane. Yebo, ungahle ucabange ukuthi ngiyahlanya, mhlawumbe nginjalo, kodwa nje ngiyekeleni, ngizizwa ngingcono ngalendlela kunoma ngenza ngenye indlela, ngakho nje ngiyekeni kanje. Ngi—ngizizwa ngikahle ngalendlela, kuyamangalisa, ngoba ukhululekile, awuboshelwe kwilutho, uboshelwe kuphela ezibophweni zothando.

²¹³ Ungavumeli muntu akutshele ukuthi ukhululekile kulesisizwe, awunjalo. Awusoze wakhululeka, kuphakathi kokuthi uyisigqila sikaKristu nothando lwaKhe, noma olukadeveli, uyisigqila sikadeveli nezinto zakhe; uyisigqila sento ethize. Ngiyajabula ukuba yisigqila sikaKristu. Amen. Ngibethelwe ezintweni zezwe, nokho ngiyaphila, akumina, kodwa uKristu uphila kimi. Amen futhi amen futhi amen!

²¹⁴ O, he, ukuba abantu kuphela bebengakubona lokho! Ukuba kuphela bebengavula izinhliziyi zabo futhi babone ukuthi kubuyele eBhayibhelini, kubuyele kuKristu, kubuyele esiphambanweni, kubuyele eVangelini! Yebo. Kuyilokho-ke. O, malibongwe iGama leNkosi!

²¹⁵ Udeveli ubone ibandla lihamba ngokukhulu ukuthukuthela kwengane okukhulu: “Singama Assemblies. SiyiChurch of God. Siyi-Oneness. Siyi-Twonest,” nazo zonke lezi ezinye izinto. Awuhlalanga ngani ngendlela obuyiyo na? Awuhlalanga ngani ngendlela uNkulunkulu akuhlinzekele yona na?

²¹⁶ Iphutha elikhulu kunawo onke u-Israyeli ake alenza, ngenkathi umusa usuvele ubahlinzeke ngomprofethi, wabahlinzeka ngewundlu, futhi ubanika imvuselelo enkulu kunazo zonke abake baba nayo, futhi wayemi ogwini lo—

loLwandle oluFile, besina eMoyeni, futhi becula eMoyeni, futhi benejubili, ku-Eksodusi 19, babengakufuni lokho, babefuna isayense yezenkolo ababengaphikisana ngayo. Kunjalo. Kunjalo. Futhi ini na? Babeqhele ngezinsuku ezine kuphela ezweni lesithembiso. Iphutha elifanayo obaba bethu bePentecostal abalenzayo, esikhathini esingaside esedlule.

²¹⁷ Kuncane kangakanani obekuyo...? Wawungabatshela ukuthi babeneminyaka engamashumi amane ukusuka ezweni lesithembiso. Babefanele bahambe bathole okuthile ababengaphikisana ngakho. Yenze njalo neyethu iPe... Wenzani uNkulunkulu kubo na? Wabashiya ehlane iminyaka engamashumi amane. Benzani na? Bakhulisa izitshalo, nabantwana, noNkulunkulu wababusisa, kunjalo, futhi babebakhulu.

²¹⁸ Kodwa ngoluny'usuku uNkulunkulu wathi, "Sekuyisikhathi eside ngokwanele ukulentaba. Asivuke siye enyakatho futhi sithathe isithembiso." Kunjalo. Ngenkathi zonke izilwi ezindala zifa, zalinda zaze zafa izilwi ezindala, lelo yiqiniso.

²¹⁹ Manje abazalwane bakithi bePentecostal wenze into efanayo, esikhundleni sokuhlala nje. Wena uthi, "Awu, banikeza uDaba oLusha." Yini—yini uDaba oLusha na? Futhi kuthiwani ngakho empeleni na? Wawungadingeki ukuba uhlele, nezindaba ezintsha eziphumayo zazingadingeki ukuba zihlelwe ziphume kulokho, benze iqembu elincane futhi bahlukanise abazalwane, futhi baqophisane, futhi baqhubeke omunye nomunye.

²²⁰ Uma kwakungesikho okukaNkulunkulu, ngeke kufinyelele kunoma yini, empeleni. Futhi uma kungokukaNkulunkulu, ubani ozokumisa na? Manje, uma lokho ku...Niyabo? Kuyini na? "Sonke isithombo uBaba waMi waseZulwini angasitshalanga siyosishulwa." Wena awu...? Ungeke uthathe iZwi laKhe ngakho na? Kodwa sifanele senze cishe izinhlngano ezingamashumi amathathu-nanhlanu ezehlukene uku...

"Awu, Uza ngefu elimhlophe."

"Qhabo, akabusiswe uNkulunkulu, Uza ngehashi elimhlophe."

²²¹ Kwenza mehluko muni empeleni, inqobo nje uma Eza na? Yileonto-ke. Niyabo? Kodwa senzeni na? Sihlale esiseleni esifanayo esidala: "Yemukelani umbhaphathizo kaMoya oNgewele, nikhuluma ngezilimi; yemukelani uMoya oNgewele, nikhuluma ngezilimi; yemukelani uMoya oNgewele," intaba endala efanayo iminyaka engamashumi amane, umkhuba omdala ofanayo.

²²² Kodwa sekuyisikhathi sokuvuka, asiye enyakatho. UJesu uyeza, asihambe sithathe zonke izithembiso. Haleluya! Zonke izithembiso! UJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza." Wakhuluma ngezilimi, kunjalo, Wenza ezinye izinto futhi. Asihambe sithathe isithembiso.

223 Kodwa, niyabo, uSathane ulibonile ibandla lihamba ngaphandle kukaJesu, futhi ngakho, yilokho ababone bekwenza, ngakho wathatha umoya wakhe owuphoyizeni futhi uqala ukuthi “*Whewu!*” Wathi, “Manje, ngizobasusa. Nginazo kulebo kulezo zinhlelo zokwakha nezinto, futhi ngizobacwilisa khona phansi lapho. Bazoba ngabagcina umthetho ngamehlo, yilowo nalowo uzoba nethelevishini endlini yakhe, futhi, mfowethu, uzohlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku. Uma engayi embukisweni, abantu abadala babevame ukuthi, ‘Deda embukisweni,’ kodwa ngizowuletha ngqo endlini yabo. Uyabo?” Ngakho uvele uza ngqo, niyazi, futhi uletha lezizinto.

224 “Futhi uma be—bethi abahehekile, kodwa babona lezizinhlelo, *We love Susy*, nazo zonke lezizinto, bayokuthanda lokho kangcono, nezinto zezwe, ngaphezu kokuba benza kuNkulunkulu, ngiyazi bazokwenza. Futhi ngizovele nje ngiphule lonke ibandla lePentecostal.” Eliyendezisa, eliphusha, elibhidliza, izigwedlo zephukile nayo yonke into, kunjalo, yilokho akwenzile. Ngibabonile bechezukela ekuthukutheleni kwengane okukhulu kwesakhiwo, beba ngokwezwe nje njengawo onke amabandla. Kunjalo.

225 Njengoba ngishilo, babevamise ukuthi, “Elibandayo, iBaptisti ngegama nje,” manje sekungukuthi, “Elibandayo, iPhentekoste eliyilo ngegama.” Kunjalo. Kunjalo.

226 Nakhu lapha esikhona, sishukunyiswa, kodwa into enhle (ngifanele ngiphuthume, ngivale nje, ngoba sekuyisikhathi.), bukani, into enhle kwakungukuthi Wayengayanga kude kakhulu. Wakhwela entabeni ephakeme kunazo zonke Ayengayithola, futhi Wayebabhekile phandle lapho olwandle.

227 “Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi ukuthi Ubhekile.” Yebo. Kwenzekani na? Wakhwela eKalvari, Waqhubeka wakhwela, kusukela ngePhasika, Wakhwela phezu kwenyanga, izinkanyezi, waze wayothi ngqu eNkazimulweni, uya phezulu kakhulu ungabona kude, ukuze Wayekwazi ukubuka iBandla emhlabeni wonke, ndawo zonke. Esibhekisisa, ubeke amehlo aKhe kithi.

228 Bese kuthi-ke cishe ngesikhathi lapho onke amathemba ayengasekho ukuba ayoke abe nenye invuselelo (Bacabangani ngenkathi onke amathemba engasekho na?), nangu Eza ehamba eya kubo phezu kolwandle. O, he! Ehamba phezu kolwandle. Futhi ngenkathi beMbona, okuyiyonaNto kuphela eyayingabasiza, babeYesaba, babecabanga ukuthi Yayibukeka iyisipoki.

229 Futhi leyo yinto efanayo namhlanje, into kuphela engabuyisela iBandla ndawonye, lithathe uHlwitho, bathi, “Kungukubhula, nguBelzabule,” kanti iyona impela into Athi Uyoyenza. Njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje.

230 Kodwa Wathini-ke na? Ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi esidanyana, kodwa anginaso. Kodwa Wathini-ke na? “Ningesabi; yimani isibindi; yiMina.”

“Wazi kanjani ukuthi nguYe na?”

Ngoba Wenza njengoba Enza ngenkathi Elapha, Wenza izinto Azenza, Uyasigcina isithembiso saKhe njengoba Enza. Akunjalo lokho na?

231 “Ningesabi; yiMina; ningesabi. Ningesabi manje; yiMina; yimani isibindi. Yiba nesibindi, uzakhe, Ngibeke iso laMi kuwe, Ngiyabhekisisa. Ngingena phakathi kwe-Assemblies, phakathi kweChurch of God, ngingena lapha, ngenzeni na? Ukukhipha abaKhethiweyo, hhayi ukwenza enye inhlango, kodwa uHlwitho lokuya eKhaya; ngizela lokho.”

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

232 Msindisi obusisiwe, Wena uzosihola size sifike kulologu olunempilo, lapho iziNgelosi zilinde khona ukuba zisijoyine, ekudunyisweni kwaKho njalonzalo. Sicabanga ngalolosuku olukhulu, ukuthi Waluhlelela kanjani.

Angithandi ukuba . . . nakwazi, bazalwane, ngalabo abalalayo, ukuze ningadabuki, njengabanye abangenalo ithemba.

Ngokuba uma sikholwa ukuthi uKristu wafa wabuye wavuka ngosuku lwesithathu, ngokunjalo labo abaleleyo kuKristu uNkulunkulu uyobaletha kanye naYe.

Ngokuba sisho lokhu kini ngomyalo weNkosi, ukuthi thina asiyikuvinjelwa, akuyikusivimbela lapho silele.

233 Sibhekisisa uhlelo lokuvuka: Into yokuqala, sihlango ndawonye, hhayi size sihlango ndawonye siyohamba ndawonye ukuhlango naYe. Omama nobaba bayohlango, abantwana nabathandekayo bayohlango, bese-ke behlwithelwa amoyeni ukuhlango beza iNkosi. Futhi lapho sima lapho, sicula amaculo okuhlango, neziNgelosi, ngendingilizi zizungeze umhlaba, zizoma namakhanda ekhotheme, zingazi ukuthi zikhuluma ngani. Azikaze zilahleke, azazi ukuthi kusho ukuthini ukulahleka nokufunyanwa, kodwa, Nkosi, siyazi ukuthi kusho ukuthini. “Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe, ngangiyimpumpethe kodwa manje sengiyabona.”

234 Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa abantu lapha ngaloMgqibelo ebusuku. Omncane, umlayezo onqunyiwe nje usuka endaweni uye endaweni, uzama ukulinda ukubona ukuthi Uyothi akwenziweni, manje ihora liyavala.

235 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzovele nje wazise abantu ukuthi UnguJesu ofanayo. Woza nje futhi wenze, kulobubusuku, njengoba Wenza nje lapho, isikhashana nje sethu, Baba. Ukuthi abantu . . . bangahle bangaphinde balithole elinye

ithuba. Singahle singalokothi sibe nebandla ekuseni, Ungafika ngaphambi kokusa, ngesinye isikhathi ebusuku, kungahle kubekhona umsindo ofikayo, “Bhekani uMyeni uyeza, phumani niMhlangabeze.”

²³⁶ Siyazi ukuthi kuyoba yisikhathi esibi kakhulu-ke, kuyobakhona ukukhala izinyembezi, kuyobakhona ukukhuleka, kuyoba khona ukucula, kuyoba khona ukumemeza. Baba Nkulunkulu, asikuqondise manje, futhi silungele lelohora, njengoba silindile, eGameni likaJesu. Amen.

²³⁷ Angazi noma ukhona yini lapha, kulobubusuku, ongaMazi njengoMsindisi, ungathanda ukuthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, lapho ukhuleka futhi.” Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena. Kovulandi abasesitezi, iNkosi inibusise. Omunye umuntu, ngaphambi nje kokuba sibe nomkhuleko walabo abafuna ukuMazi, abangakaze bahlangane naYe na?

²³⁸ Kwangathi. . . Angahle afike emizuzwini embalwa lapha. Uzofika, ngikhulwa ukuthi Uzofika. Aninjalo na? Futhi uyokwenza okwaKhe. . . Uyakhulwa ukuthi Usenguye na? Impela, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke makuthi Yena eze futhi enze, ngathi, ngamandla aKhe angcwelisayo, izinto Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi sizokwazi. “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo uyaku. . .”

²³⁹ Wena, bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu akazange enze nesisodwa isimangaliso empilweni yaKhe, ngaphandle kukaNkulunkulu eMkhombisa ngombono na? Bangaki okwaziyo lokho na? IBhayibheli liyakusho, uJohane oNgcwele 5:19, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza.” Kunjalo na? Manje, lokho kungokomBhalo, kungephulwe. “Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba enza. Konke uBaba akwenzayo, naMi ngiyakwenza kuze kube manje. Lokho uBaba akwenzayo, UyaNgikhombisa, khona-ke Ngiyakwenza.” Uvele nje alingise emdlalweni wasesiteji lokho uBaba aMkhombisa ukuba akwenze, lokho kuMenza abe nguye namhlanje, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.”

²⁴⁰ Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngaleyonkathi, lowoMoya ofanayo owawukuMesiya uyoba seBandleni laKhe, iBandla lizokwenza izinto ezifanayo uMesiya azenza, ngoba umvini wamagilebhisi ungathela kuphela amagilebhisi njalo uma umila, yileyondelela okungayo ngathi lapha, kuzofanele kufane.

²⁴¹ Ngabe umfana uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Ngize ngakhohlwa nokubuza. . . Yebo. Izolo ebusuku akazange. [Umfowethu uthi, “Ukhiphe amanye, kulobubusuku.”—Umhl.] Ukhiphe amanye, kulobubusuku. Niyazi ukuthi beziyini izinombolo, izinhlamvu, noma. . .? [“U-A.”] O-A, ini na?

Yilokho okunikezayo na? Si . . .? Yilokho esibe nakho ngobusuku bokuqala, bekungesikho na? Ini, nenzeni, ninike nje amanye amashumi amahlanu na? Kulungile. Siqale kuphi kwesinye isikhathi na? ["Elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu."] Elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu. Awu, asiqale kwenye indawo phakathi kwawo, kulobubusuku. Asiqale . . . Banikeza ayishumi nanhlanu awo na? ["Yebo."] Ake sithathe ishumi nanhlanu lokugcina-ke, lokho bekungaba, ukuqala bekungaba, bekungaba yini lokho na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, bekungeke na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Ake sibone uma be . . . thina—thina . . . uma belapha.

²⁴² Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho, nxazonke phezu kwesakhiwo, othize, noma esitezi esiphezulu, noma ngabe ukuphi. Ikhadi lomkhuleko A, lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Buka kowakho . . . ["Khona phambi kwakho."] Ngabe ngikugejile na? Uqinisekile na? ["Phandle phambi kwakho ngqo, lapho."] O, ngiyaxolisa, dadewethu. Kulungile amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, waza lapha, khona lapha. Amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha. Ngubani onelamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha na? Phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha.

²⁴³ Sehlisa amakhadi lapha phambi kwabantu, siwaxube onke *kanje*, bese-ke sinika noma ubani ikhadi lomkhuleko olifunayo, ngakho-ke lapho sehla, sibiza nje ndawondawo, singazi ukuthi bekukuphi. Ngakho, ngakho-ke nje ku . . .

Bangaki owaziyo ukuthi kukhona abaningi abaphulukisiwe ezethamelini, uphulukisiwe phezulu lapha na? Impela, ukhona. Impela.

²⁴⁴ Kulungile, kanjani . . .? Hamba uzungeze *ngaleyondlela*. Kanjani . . .? Bekukuphi lokho na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, bekungesilo na? Amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, ungasiphakamisa isandla sakho na? Inenekazi khona lapha. Unelamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha na? Ungahamba nenenekazi ngapho na?

²⁴⁵ Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, phakamisa isandla sakho ngokukhulu ukushesha manje ukonga . . . UNkulunkulu akubusise, mfowethu, hamba uzungeze ngqo *ngaleyondlela*. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. Ubani onelamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili na? Khona lapha, hamba uzungeze *ngaleyondlela*. Lapho nje kuxovekile

kuyo yonke indlu, noma ubani obefuna elilodwa. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Ngubani onelamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye na? Ikhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, phakamisa isandla sakho. [Omunye uthi, “Khona ngemuva.”—Umhl.] Ngale e...Kuphi na? [“Isikudla.”] Kwesokudla, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Njalo...Angibaboni, kodwa mabasakume futhi bahambe bazungeze ngqo ngaleyondlela, uma bengakwazi, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye.

²⁴⁶ Amashumi ayisishiyagalolunye. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalolunye, ungasiphakamisa isandla sakho na? Buka ikhadi likamakhelwane wakho, bangahle...omunye oyisithulu, niyazi, bebengekuzwe, mhlawumbe omunye ukhubazekile futhi abakwazanga ukuphakamisa isandla sabo. Qalaza nje ekhadini lawo wonke umuntu.

²⁴⁷ Ini? Ikhadi lomkhuleko, bekuyini lokho, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye na? Amashumi ayisishiyagalolunye. Ngabe lelo ikhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalolunye na? Kulungile, mnumzane, hamba uzungeze *ngaleyondlela*. Amashumi ayisishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye-nanye, kulungile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili, amashumi ayisishiyagalolunye-nantathu. Phakamisa isandla sakho, ukuze ngibone ukuthi ungubani. Amashumi ayisishiyagalolunye-nantathu. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Amashumi ayisishiyagalolunye-nantathu. Kulungile, amashumi ayisishiyagalolunye-nane, phakamisa elakho...Kunjalo. Amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha, amashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa. Yileyondlela yokukwenza. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, ikhulu. Kulungile, kuhle.

²⁴⁸ Manje, ngabe asekhona amanye amakhadi omkhuleko phakathi lapha na? Phakamisani izandla zenu, nina onamakhadi omkhuleko. Kulungile, bambani amakhadi enu nje, sizonithola, sikwethembisile, sizokwenza. Niyabo? Ngosizo lweNkosi, sizokuthola.

²⁴⁹ Lokhu nje yi...Asikwazi ukubakhuphula bonke kanye kanye. Mina, kusasa ntambama ngizodingeka ngiwacoshe onke, niyabo, ngakho ngizoba nentambama ukuba ngikwenze phakathi, niyabo. Ngakho, woza nje, futhi sizo—sizofika kubo.

²⁵⁰ Futhi manje, bangaki abangenalo ikhadi lomkhuleko

na? Phakamisani izandla zenu. Futhi uyagula futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Anginalo ikhadi lomkhuleko, kodwa nokho ngifuna iNkosi ingiphulukise.” Awu, nje ngokwejwayelekile yonke indawo.

²⁵¹ Kulungile. Besalungisa umugqa womkhuleko, ngizocela wonke umuntu, uma nje nizohlonipha ngokuzithoba ngakho konke eningakwenza, futhi nigcine izihlalo zenu, nilokhu nihlezi nje, niyabo. Kulungile.

²⁵² Manje, eBhayibhelini, eNcwadini kaJohane oNgcwele isahluko 4, ngithanda ukusho lokhu: Bangaki abake bafunda isahluko 4 sikaJohane oNgcwele na? Kulungile. Manje, uJesu, qhabo, ngiyaxolisa, akusiso isahluko 4 sikaJohane oNgcwele, angikwazi ukukubiza khona manje. Ngenkathi owesifazane ethintwa ngomopho wakhe, ngivele ngakugeja engqondweni yami, isahluko 8.

²⁵³ Ngakho wayedabula esixukwini sabantu, futhi wathi... wayebone futhi wezwa ngoJesu, wayengakaze aMbone. Kodwa ake sithathe nje umdlalo omncane wasesiteji ngenkathi besalindile lapho. Sengathi ngiyabona, waye—wayenomopho, noma ubani uyazi ukuthi kwakwenzekeni, kwakungesikhathi sokunqamuka ukuya esikhathini, futhi akuzange kume. Ngakho yena, futhi wayechithe yonke imali yakhe kodokotela, futhi abakwazanga ukumsiza. Babenze konke ababengakwenza, akungabazeki, babenze konke ababengakwenza, kodwa babengenakukumisa lokho kopha.

²⁵⁴ Khona-ke wayekade enalokho iminyaka eminingi, eminingi, futhi waqhubeka nje, ithantala, eqhubeka, eqhubeka, eqhubeka, empofu, encane, into eyintekenteke, wayezwile ngoJesu, ngakho wathi, “Ngikhulwa ukuthi Uyi... UyilowoMesiya.” Awucabangi ukuthi wakucabanga lokho na? Bangaki okukholwayo lokho na? Thanini, “Amen.” [Amabandla athi, “Amen.”—Umhl.] Wathi, “Ngiyakholwa ukuthi leyoNdoda inguMesiya, kodwa anginayo imali yokuya lapho Ekhona.”

²⁵⁵ Kodwa niyazi, emva kwalesisehlakalo esikhulu sasebusuku, Wayengenile e, imiyezane ezansi lapho ngalokho kusa. Futhi wabuka phansi egqumeni lapho ayehlala khona, wathi, “Ngiyazibuza ukuthi Ungubani. Into ethize, kufanele kube nguMuntu othize ezansi lapho.” Wabezwa begwedla, futhi behlekisa ngaYe, nakho konke okunye, nabanye beMbusisa, futhi ngakho wehla ngokunyanya futhi wabona ukuthi kwakungubani. Futhi wathi, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.”

²⁵⁶ Manje, wayengenawo nomncinyane womBhalo walokho, wayenawo na? Ngabe ukhona yini umBhalo eBhayibhelini ngaphambi kwalokho, othi, “Nxa uMesiya efika, uma nizothinta ingubo yaKhe...” Qhabo, kodwa wakukholwa, wakukholwa, ngakho wathi nyelele wadabula esixukwini, futhi

wayesengomdadlana nje, owesifazane ozacile, niyazi, ngakho wavele wathi nyelele wadabula esixukwini, futhi wathinta ingubo yaKhe.

²⁵⁷ Manje, uma uthinte ibhantshi lami, bengegeke ngikuzwe, ibhantshi lami nje. Nengubo yasePalestine kwakuyingubo ende. Futhi babenengubo yangaphansi, isuka onyaweni iye phezulu, yingalesosizathu babenokugezana izinyawo, nezinto, leyongubo enkulu yacasha uthuli lapho behamba phezu kwemizila.

²⁵⁸ Awu, manje-ke, uma wake waba sePalastine, futhi waqaphela ukuthi benze kanjani, ukuthi bazikhumula kanjani izicathulo zabo, futhi bagezwa izinyawo zabo ngenxa yokunuka komhlabathi lapho izilwane zazikade zikhona, nezinto, babengabukeki kubantu, ngakho babene—babenensila yenkosi eyayigeza izinyawo, futhi ngakho babenokugezana izinyawo.

²⁵⁹ Ngakho lona wesifazane wathinta umphetho wengubo yaKhe, ulenga kude *kangako* kuYe. Manje, ngokomzimba, Wayengeke akuzwe, Wayengeke akwenze. Kodwa wathinta umphetho wengubo yaKhe, wayesephuma-ke, wahlala phansi, wasukuma, kumbe noma ngabe kwakuyini ezethamelini zabantu, mhlawumbe okuphindwe kabili noma kathathu kunalokho okulapha.

UJesu wama, wathi, “Ubani oNgithintile na?”

²⁶⁰ Ngani, uPetru wacabanga ukuthi lokho kwakuyinsini, wayengakaze awemukele uMoya oNgcwele okwangalesosikhathi, niyazi, indoda enoMoya oNgcwele ibiyokwazi okwehlukile. Ngakho, wathi, “Ngani...?” Ngani, iBhayibheli lathi waMkhuza. Ngamany’amazwi, wathi, “Uqonde ukuthini ukusho into enjengaleyo na? Ufanele ukuba yiNdoda enengqondo, futhi nakhu Ulapha, Uzibiza ngoMesiya, futhi uthi, ‘Ubani oNgithintile na?’ Ngani, awazi yini ukuthi abantu bazocabanga ukuthi Uyahlanya na? Wonke umuntu uyaKuthinta.”

Sengiyambona uJesu eMbheka, acabange, “USimoni bandla.”

²⁶¹ “Kodwa lolu kwakuwuhlobo oluhlukile lokuthinta, Simoni, ngiyabona ukuthi seNgiphelelwe amandla.” Amandla, amandla okuqina ayengasekho kuYe, futhi Wavele wama nje. Ubonile ukuthi uSimoni wayengakwazi, nabo bonke abanye babengakwazi, ngakho Wavele nje waqalaza phezu kwezethameli waze Wamthola lowo wesifazane, mhlawumbe ehlezi emuva le. Wamthshela ukuthi umopho wakhe wase unqamukile, ngoba ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

²⁶² Manje, bangaki owaziyo ukuthi iTestamente eLisha lasho ukuthi uJesu Kristu, khona manje, ungumPristi oMkhulu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, onokuzwelana

nobuthakathaka bethu. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Khona-ke Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Khona-ke ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ubeyokwenza kanjani na? Ubeyokwenza njengoba nje Enza ngaleyonkathi, uma Enguye.

²⁶³ Ngakho nina eningenawo amakhadi enu, kumbe noma yini phandle lapho ezethamelini ongeke abe phezulu lapha kulobubusuku, khulekani nje, futhi uthi, “Nkosi Jesu, ngiyakholwa ukuthi UyilowomPristi oMkhulu abakhuluma ngaye, futhi ukukholwa kwami makuKuthinte, kulobubusuku.”

²⁶⁴ Manje, uma ungithintile, bekungeke kusize ngaphezu kokuthinta umyeni wakho, noma ukuthinta umfowenu, noma—noma—noma indodana yakho, kumbe noma bekungaba yini, niyabo. Lokho bekungeke kwenze utho, ukungithinta, bekungeke kwaba yinto. Kodwa Mthinte nje, futhi ubhekisise ukuthi Wenzani.

²⁶⁵ Wena uthi, “Mfowethu Branham, Kuzokwenza kanjani na?” Ngesiphiwo, nje ngizunikela kuMoya, Uyakhuluma. Niyabo? Manje, lombhobho uyisimungulu ngokuphelele, awukwazi ukukhuluma, awazi ukuthi ukhulume kanjani, kuthatha into ethize ukukhuluma kuwo, ukuwenza uthwale umsindo. Ngabe kunjalo na?

²⁶⁶ Awu khona-ke, nonke lapha niyizihambi kimi. Abantu ababili kuphela engibaziyo phezulu lapha kukho konke yilaba, lendoda ehlezi *lapha* ibinami kulokhu ukusa, noMfowethu Gene Goad, nalendoda *ngapha*, noMfowethu Hall, ngithi, yibo kuphela engibabona esakhiweni; umkami akekho lapha, kulobubusuku. Futhi yilabo kuphela engibaziyo. Kodwa uJesu unazi nonke. Ngabe kunjalo na? Wazi nonke. Futhi Wethembisa, ngezinsuku zokugcina kuyobakhona ukuKhanya, njengoba kwakunjalo nje ekuphumeni kwelanga, kuyoba njalo ekushoneni. Ngabe yiqiniso lelo na? Manje, thinta nje ingubo yaKhe, uma Ezoza futhi asisize.

²⁶⁷ Futhi bangaki kini abayizihambi lapha, abangakaze bakubone ngaphambilini, abangakholwa kuYe, futhi uthi, “Kuyongenza ngikholwe ukuMbona enza njengoba nje Enza ngenkathi Wayelapha emhlabeni”? Phakamisa isandla sakho, uthi “Ngi—ngizokholwa.” Lezo yizihambi ezazingekho lapha ngaphambilini. Kulungile. Lokho kuhle.

Bangaki oke waba lapha ngaphambilini futhi waMbona ekwenza na? Ake sibone isandla sakho. Niyabo? Kungokuphathekayo nje yonke indawo. Kulungile. Manje, kholwani.

²⁶⁸ Manje, khumbulani, uma kufika umuntu oyedwa, futhi Uyamphulukisa lowomuntu, U—Ufanele akwenze kumuntu wesibili oza enkundleni efanayo. Kunjalo. Uma nje uzokholwa,

kuthatha ukukholwa kwakho. Uthi, “Kuthiwani ngalo lonke leloqembu lapho ngalolosuku na? Owesifazane oyedwa nje waMthinta.” Yilowo kuphela owayengakukholwa. Ngabe uyilowo phandle lapho, kulobubusuku na? Ngethemba ukuthi ninguye, nonke. Manje, khumbulani nje. . .

²⁶⁹ Manje, Baba Nkulunkulu, ngikhulume ngaWe, ngizamile ukukubeka esimweni sendaba encane, kulobubusuku, emdlalweni wasesiteji, ukuze ngisho nabantwana abancane bezoqonda, ukuthi bebengakwazi ukutshela ozakwabo abancane besikole, kanjalonjalo, futhi bonke bebengalungela ukufika kweNkosi.

²⁷⁰ Manje, ngikhulumile, ngafakaza ngaWe, yilokho kuphela engingakwenza, ngingumuntu nje. Kodwa manje, Baba, iZwi elilodwa nje elivela kuWe liyosho konke, ngaphezu kwalokho sonke ebesingakwenza ezikhathini eziningi zempilo, iZwi elilodwa nje. Bayazi ukuthi ngumBhalo, bayazi ukuthi kuyiqiniso, bayazi ukuthi kusuka kuGenesisi kuya eSambulweni.

²⁷¹ Manje, Wenza isithembiso ukuthi uMesiya ozayo, ngalolusuku, uyobuyela eBandleni, futhi enze njengoba Enza nje, i. . . ngenkathi Ebeka. . . Ukufika nje kwetshe eliyiNhloko, iSakhiwo siyololongelwa Lona.

²⁷² Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi kuzoba njalo futhi, kulobubusuku. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, njengoba ngizinkela kuWe, futhi ngithatha lelibandla nawo wonke umoya ophakathi lapha, ngaphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁷³ Kulungile. Manje, yibani nokukholwa. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba, ahlale ngokuthula. Ungabi ngongakholwa, kodwa kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

²⁷⁴ Manje, manje ngelamanqamu, ngaKushumayela. Bangaki owaziyo ukuthi KwakuyiZwi na? Manje, uma noma ubani kini engabaza, ngani nemukelekile ukuza lapha futhi nithathe indawo yami uma nifuna. Omunye umfundisi lapha uthi, “Akulungile, akulungile,” khona-ke yenyukela lapha futhi uthathe indawo yami futhi wenze into efanayo.

²⁷⁵ Uma Ngikhipha amademoni ngeZwi likaNkulunkulu, niwakhhipha ngobani na? Niyabo? Ungenza kangcono, ngani, woza, ngizohlala phansi; ngifuna ukubona abantu bephulukiswa. Nikutholile na? Niyabo? Yisithembiso sikaNkulunkulu. Futhi uma Ezosigcina lesisithembiso. . .

²⁷⁶ Manje, siyazi, ake ngikucacise lokhu, akukho-muntu ongaphulukisa omunye, akukho ngisho nomuthi okuphulukisayo. Akukho dokotela ozokutshela lokho uma engudokotela wangempela. Umuthi awusakhi izicubu, umuthi ugcina kuhlanzekile kuyilapho uNkulunkulu akha isicubu, Ufanele adale, isicubu siyadalwa. Niyabo? Ngakho

akakwenzi, udokotela akaliphulukisi ithambo, *ulungisa* ithambo, uNkulunkulu uphulukisa amathambo. Niyabo? UNkulunkulu kuphela ongaphulukisa. Futhi manje, Usevele ukwenzile. Ukuthola nje abantu ukuba bakukholwe, yilokho.

²⁷⁷ Uma bekungaba yimi, uma ngikutshelile, awangakukholwa, noma uma ungitshelile futhi angangakukholwa, makahambe. Kodwa hhayi uNkulunkulu, UnguNkulunkulu olungileyo. Uyaqhubeka nokuthumela iziphiwo, futhi ufaka eBandleni laKhe emva kweZwi laKhe ukuqinisa iZwi laKhe futhi aLenze libe yiqiniso, ukuze Alunge futhi abe qotho.

²⁷⁸ Manje, lelinenekazi elimi lapha, noma, ngiqagele nguwe, o—ozokhulekelwa. Manje, nakhu kumi owesifazane engingakaze ngimbone empilweni yami njengoba ngazi ngaye. Siyizihambi omunye komunye, ngiyacabanga. [Udade uthi, “Ngikubonile Mfowethu Branham.”—Umhl.] Ungibonile. [“Ungikhulekele ebandleni lakho elincane.”] Ngakukhulekela na? [“Tennessee. Yebo, wangikhulekela.”] ETennessee. [“Yebo.”] Awu, ngijabula kakhulu ngalokho. Kodwa ukukwazi, bengingeke ngikwazi, bengingeke ngibe nendlela yokukwazi. Kulungile.

²⁷⁹ Manje, lelinenekazi lithi, uma ningangizwanga... Futhi empeleni, noma ngabe ubani unjiniyela kulokhu, lapho kufika ugcobo, futhi uma ngingakhulumi kakhulu ngokwenele, kukhuphule ukuze bezwe. Isizathu, niyabo, ukubuyela emuva nje empilweni yomunye umuntu iminyaka, futhi ubona lokho abakwenzile, futhi ubuka nje ukuthi kwenzekani lapho, a—awuzwa ngisho nokuthi umi lapha.

²⁸⁰ Akusimina. Bengingakwenza kanjani lokho na? Akunakwenzeka nhlobo. Kuyi—kuyisimangaliso esiphelele uma bekungenziwa. Kungaphambili le kwanoma yimiphi imizindlo yomuntu, ngaphandle uma uthatha iZwi likaNkulunkulu ngakho. Impela. Yisimangaliso esikhulu kunazo zonke.

²⁸¹ Wena uthi, “Awu, nangu umuntu ehlezi lapha obenonyawo olukhubazekile, simkhulekele, waqala ukuhamba.” Awu, lokho bekungaba yinjulamqondo, kunjalo. Kodwa lokhu ngeke kwaba njalo, kufanele kube nguNkulunkulu, akukho okunye okungaba ngaleyondlela. Kunjalo impela.

²⁸² Ngakho manje, uma nginikhulekele, nalokho... Kodwa angikwazi, futhi angazi lutho ngawe, anginalwazi ukuthi uze ngani lapha. Futhi wena, njengoba nje, uma umuntu engimkhulekele lapha engeza kimi eminyakeni eminingana kusukela manje, futhi athi, “BengiseRichmond, eVirginia, futhi wangikhulekela.” O, he, ngikhulekele amashumi ezinkulungwane, eziphindwe kazinkulungwane zabantu, niyabo. Futhi, empeleni, uma ubungeza kimi kusasa, nogcobo lufike nombono ufike, uza kimi kusasa, bengingeke ngazi lutho ngakho.

283 Niyambona lowomfana ohlezi lapho na? Uthatha ukuqopha, siligcina kanjalo-ke irekhodi lakho. Akunjalo lokho, Mfowethu Goad na? Yileyondlela kuphela engikwazi ngayo. Niyabo? Ngoba akusimina okhulumayo. Ngi—ngivumile futhi ngabamba izandla zami ukuthi angimazi. Niyabo?

284 Kodwa uma ubugula futhi ngabeka izandla zami phezu kwakho, futhi ngathi, “IBhayibheli lathi bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda,” yilokho ebesikwenza iminyaka, kodwa sisondele kakhulu eKhaya manje, niyabo, uKristu ubonakaliswa kakhulu kithi.

285 Manje, uma Ezongitshela into ethize e—ebisempilweni yakho, awu, manje-ke, uma Ekutshela ukuthi bekuyini, ubuyoba ngumahluleli ukwazi ukuthi lokho kuqinisile noma qha, uyokwazi, ungazitshela lezizethameli, kulungile noma akulungile. Awu, manje-ke, uma Enza lokho, futhi azi ukuthi bekuyini, impela Ubezokwazi ukuthi bekuyoba yini. Ngabe kunjalo, zethameli na? Ubeyokwazi ukuthi bekuyoba yini. Manje, manje, angazi ukuthi Uzokwenza, kodwa ngethemba ukuthi Uzokwenza, futhi uma Ezokwenza, uNkulunkulu akadunyiswe.

286 Manje-ke, zonke izethameli, njengoba simi lapha, sivulile, amalambu kazamcolo ehlela phezu kwethu, simi lapha, akukho lutho kodwa iZwi likaNkulunkulu libekwe lapha phambi kwethu, uNkulunkulu qobo lwaKhe, siseBukhoni baKhe phambi kwabantu abangamakhulu amahlanu noma ayisithupha noma ngaphezulu, ngiqagele, futhi, noma ngabe iyiphi indawo encane ohlala kuyo, futhi silapha. Kwenza ngaphambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu kanye, izinkulungwane ezingamakhulu amathathu ngesinye isikhathi, namakhulu ezinkulungwane ngezinye izikhathi, zonke izinhlobo zezizwe, nabantu, nezilimi. Niyabo? Lokhu kuzofanele kuye ndawo zonke; Uzozimemezela Yena uqobo ngaphambi kokuba Afike.

287 Manje, lokhu kunjengoba kwakunjalo nje ngesikhathi seBhayibheli ngenkathi iNkosi yethu ihlangana nowesifazane ongumSamariya, futhi singowesilisa nowesifazane sihlangu lapha, angikwazi, futhi ungazi kuphela ngokwedlula emgqeni kanye. Manje, uma Embula kimi ukuthi yini oyizele lapha, ungahle uphinde ugule, kungahle kube yinkathazo yasekhaya, kungahle kube yinkathazo yezezimali, angazi, kodwa Yena uyazi, kodwa uma Ezongembulela lokho okuzele lapha, uzokukholwa, ungeke na?

Nezethameli zizokukholwa na? Nizokukholwa na? Impela. Kulungile. Kwangathi Angasipha khona.

288 Manje, uma abantu besalizwa iphimbo lami, owesifazane uyasuka kimi. Yebo, ngiyakubona, waphulukiswa.

Waphulukiswa emhlanganweni wami, wawunesifo samathambo futhi waphulukiswa, yilokho-ke, yiqiniso lelo. E-hhe. A-hha.

²⁸⁹ Manje, unokuthile okungalungile ngomlenze. Uwe walimala umlenze wakho, yilokho o—yilokho olapha ukuba ukhulekelwe khona. Uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Phakamisa isandla sakho nje, ukuze bezobona. A-hha.

²⁹⁰ Uyakholwa na? Kulungile. Angazi ukuthi kungani kunjalo, kodwa ngigcina... Manje, enikucabangayo, ngiyakubamba lapha. Niyabo? Ngabe Wababuka abantu futhi wayibona imicabango yabo na? Kunjalo. Awu, niyabo, lowo nguYe, akusimina, sengivele nginitshelile, mina, akuseyimi, SekunguYe manje. Bekungesimina owamtshela lokho, Lowo bekunguYe owamtshela lokho, ngoba angimazi, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Manje, balokhu becabanga ukuthi ngiyakuqagela; angazi ukuthi kungani kuza, kodwa kuvela ndawondawo. Yebo, ngiyabona ukuthi kuvelaphi manje, bengifanele ngikubize. Ngabe ngiqinisele na? Nibone uma bekuyikho.

²⁹¹ Yebo, yebo, ngiyabona uye wawa futhi wazilimaza, walimala isitho sakho. Futhi uzamile yonke into ngakho, amafutha esikhumba, nakho konke okunye, kodwa ngeke kusebenze, lokhu kuzosebenza.

²⁹² Ube nenqwaba yosizi, ulahlekelwe othandekayo wakho, lowo bekuyindodakazi. Kunjalo. A-hha. A-hha. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, ubani igama lakho, uzongikhulwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, ineku yaKhe na? Nkk. Wathen, hamba ukholwe, uJesu Kristu uyakusindisa. UNkulunkulu akubusise manje. Kuzolunga, ubuhlungu buzosuka, futhi uzoba kahle.

²⁹³ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Manje, ngibuza noma ubani, ngingake ngize kanjani, noma ngabe yini ebingalungile ngowesifazane, ngaze ngakwenza na? Kuzofanele kube nohlobo oluthile lwesiDalwa esingaphezu kwemvelo lapha esenza lokho (Ngingumuntu. Ngabe kunjalo na?), Ubani obengamazi owesifazane, ukuthi wenzeni, ukuthi ubekuphi, nakho konke ngaye, nezinto ezinjalo.

²⁹⁴ Manje, uma besingama lapha, uma umi isikhathi eside, okuningi bekungashiwo. Kodwa niyabo, lowo—lowombono owodwa uthathe okuningi kimi kunalelohora nengxenye lokushumayela okukwenzile. Niyabo? Niyangenisa, manje nyanikezela.

²⁹⁵ Cabangani nje, uma owesifazane oyedwa athinta ingubo yaKhe, futhi owesifazane... Wathi, “Ngiyabona ukuthi amandla aphumile kiMi,” bengingaba kanjani, isoni esisindiswe ngomusa, kwenze kimi na? Niyabo? Ngoba uJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza, neminingi kunalo niyakuyenza.” Ngiyazi iKing James ithi, *emikhulu*, kodwa yayingeke ibe *mikhulu*, kwakuyimisebenzi eminingi

Ayengayenza. Tholani *iDiaglott* yasekuqaleni, futhi nibone ukuthi ayisho yini *eminingi*, niyabo, ngokuba NguMoya ofanayo.

²⁹⁶ Manje, lelinenekazi liyisihambi nakimi. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okuthize okuyinkathazo yakho, uzongikhulwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Manje, uyazi ukuthi kukhona okwenzekile ngaleyonkathi nje, niyabo. Lokho bekuyilowomuzwa futhi kufana nobumnandi, kuthule. Manje, uma lokho kunjalo, ukuze nje abantu bazi, ukuze bazi ukuthi angisho lutho olungalungile, ngikubonile lokho kuKhanya kwehla ngqo phezu kwakho, kunjalo, manje, uma uzizwa nje njengomnandi ngempela, umuzwa othobekile ngakuwe, phakamisa isandla sakho ukuze abantu bakubone.

²⁹⁷ Kodwa kinina onesithombe lapha, sinaso, lokho kuKhanya enikubona esithombeni, uNkulunkulu unguMahluleli wami, Kuphezu kowesifazane ngqo manje. Niyabo? Yebo, nnumzane.

²⁹⁸ Ulapha, hhayi ngesingaye, nakuba enokwethuka futhi ephatheke kabi. Kunjalo. Inkathazo yenenekazi elincane ikukhathazile isikhashana, kodwa into enkulu oyizele lapha ngomunye umuntu, lowo ngumyeni wakho, ukhubazekile ingxenywe, unenkathazo emhlane wakhe nasemilenzeni yakhe. Kunjalo. Uyakhulwa kanye nami ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa na? Hamba, futhi njengoba ukholiwe, kuyakuba njalo kuwe. Hamba ukholwe. UNkulunkulu akubusise. Beka leloduku onalo ezandleni zakho phezu kwakhe. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

²⁹⁹ Wena nami siyizihambi komunye nomunye, nenekazi, ngiyethemba. Asazani, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Uyangikhulwa ukuthi ngiyinceku yaKhe ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uma uNkulunkulu ezongembulela into ethize engalungile, uzokwamukela ukuthi kuvela kuNkulunkulu na? Yiqolo lakho, imilenze yakho. Kubangelwe ingozi. Kulungile. Yilokho kuphela okukuthathayo ukukusindisa. Hamba, ukholwe manje, nje—nje yiba nokukholwa.

³⁰⁰ Uyakhulwa ngenhliziyo yakho yonke, nenekazi na? Uyakhulwa ukuthi uJesu Kristu uzokupha isicelo na? Kusobala ufaka izibuko, noma ubani ubezokwazi lokho. Leso sekuyisikhathi eside, njengoba ungakhumbula, lokho bekuyimpilo yakho yonke, kodwa ngempela, lokho akusikho okusenhliziyweni yakho, enye into ethize enhliziyweni yakho, lokho ngokomunye umuntu. Kunjalo. Uyakhulwa ukuthi uNkulunkulu angamphulukisa, amsindise, umama wakho na? Unedumbe, uyaqhaq hazela. Kunjalo, akunjalo na? Hamba, ukholwe, kuzoba yindlela okholwe ngayo. UNkulunkulu akubusise.

³⁰¹ Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngabe kuyakuxazulula kuwe na? Unelisekile na? Manje, yini elapha na? Yena impela Lowo owahamba eGalile ulapha, kulobubusuku. Kuyini na? Usebenzisa wena nami nje. Manje, akunandaba yini—yini ebingagcotshwa kimi, kuzofanele kube phezu kwabo, futhi, niyabo, kuzofanele kube phezu kwabo, futhi. Uyakukholwa lokho na? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi nje, kholwa.

³⁰² Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Omunye ubonakale embonweni, ngaleyonkathi nje, ngenkathi kuqala kowesifazane. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Izinto engizishilo ziqinisile na? UNkulunkulu uzongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongemukela njengenceku yaKhe na? Kulungile. Unenkathazo emhlane wakho, leyo yinto eyodwa, enye into, usibekelwe yithunzi ngokufa ngomdlavuzo. Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa, futhi akusindise na? Uyakholwa.

³⁰³ Omunye umuntu ofuna akhulekelwe, naye, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi Uzomphulukisa, futhi na? Lowo ngumyeni wakho, uhlezi phandle lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Uzongikholwa njengomprofethi waKhe uma ngikutshela lokho na? Unenkathazo yamathumbu, kusho udokotela, inkathazo yamathumbu. Uma ukholwa uzophulukiswa, naye.

³⁰⁴ Kodwa nansi into enkulu kunazo zonke oyidingayo: Udinga insindiso yomphefumulo wakho. UzoMemukela njengoMsindisi wakho, futhi ukholwe kuYe ngayo yonke inhliziyo yakho na? Nobabili niyakudinga. Uzokwenza futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho na? UzoMemukela njengoMsindisi wakho manje, ngokuphulukiswa kwakho na? Mkhwenyane, uzoMemukela njengoMsindisi wakho na? UNkulunkulu akubusise. Nobabili nisindisiwe futhi niphulukisiwe. Hambani niye ekhaya futhi nenziwe. . .

Niyakholwa na?

Wena uthi, “Awunalungelo lokubatshela ukuthi basindisiwe?”

³⁰⁵ Ngiyacabanga uma lowoNkulunkulu engangitshela ukuthi yini engalungile ngabo, Angangitshela ukuthi basindisiwe noma qha, angeke Yena na? Impela. O, niyaMthanda na?

Ufuna ukuya ekhaya, udle ukudla kwakho kwakusihlwa, unqobe leyonkathazo yesisu, uphiliswe na? Hamba uyodla. UJesu Kristu uyakusindisa. Yiba nokukholwa.

Woza, mnumzane. Uyafuna uNkulunkulu akuphulukise kuleyonkathazo yeqolo na? Qhubeka nje uhambe, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu,” futhi usinde.

Isifo samathambo, ukwethuka, nezinto. Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Yithi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na?

Kholwa, ungangabazi. Yiba nokukholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho.

³⁰⁶ Bathi unombulali wokuqala, kodwa inkathazo yenhliziyi ayisuye umbulali wokuqala, isono singumbulali wokuqala. Ngakho, senibaxoshile bobabili manje, ngakho ungahamba futhi usindiswe. Yiba nokukholwa.

Isisu esinokwethuka, siphilile. Hamba, ukholwe.

³⁰⁷ Ngiyakubona uzama ukuvuka ekuseni, ukhipha izinyawo zakho futhi ubona ukuthi ungasukuma kahle yini, noma qha, leyonto endala, udeveli okhubazekile. Hamba, kholwa manje, kuzosuka kuwe, isifo samathambo sizohamba.

³⁰⁸ Ubuyodingeka uhlinzwe, nenekazi, ukuba bekungengenxa kaNkulunkulu. Uyakholwa ukuthi Angakwenza ukuhlinza na? UyaMkholwa ngempela, nikela yonke impilo yakho kuYe, nethumba lizobe selihambile na? Uyakhukholwa lokho na? Hamba, njengoba ukholiwe, makube njalo kuwe. Hamba nje ukholwa. Kulungile.

Woza, nenekazi. Unesimo sokwethuka, isisu. Hamba, ukholwa, yiba nokukholwa nje.

Woza, nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Umzuzwana nje, kukhona okwenzekile.

³⁰⁹ Hloniphani ngokuzithoba nje, lindani nje umzuzwana nje, hloniphani ngokuzithoba. O, umzuzwana onje pho! Ngabe U...? Ngowesifazane, ubonakele, hhayi njengalona wesifazane, uzacile, kodwa usezethamelini. Nkulunkulu ngisize. Ya, nangu ehlezi khona lapha. Kukhona okungalungile ngezandla zakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, ngenkathazo yesandla na? Kulungile, ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

³¹⁰ Awusho, kambe, beka isandla sakho phezu kwalowo wesifazane ohlezi eduze kwakho lapho, unenkathazo yenhliziyi. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho, yemukela uKristu njengoMphulukisi wakho. UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya, uphile.

Akamangalisi na?

³¹¹ Lokho kwenza lelonenekazi elihlezi lapho ligqoke leyongubo ebukeya iluhlaza sasibhakabhaka, lihlushwa yinkathazo yesisu, likholwe, futhi. Kade unenkathazo yesisu okwesikhashana, awubanga na? Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, uJesu Kristu uyakusindisa.

³¹² Inenekazi eliqatha, elihlezi eduze kwakho ngqo, ungangenzela umusa, noma, uNkulunkulu umusa na? Uyikhholwa, kungenjalo Ubengeke akhulume kuwe. Linesifo

samathambo, awunjalo, nenekazi na? Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, beka isandla sakho phezu kwakhe, Dadewethu. Nonke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye lapho, uJesu Kristu uyanisindisa.

Niyakholwa na?

Nicabanga ukuthi uNkulunkulu angasiphulukisa isifo sikashukela na? Kulungile, qhubeka-ke. Yiba nokukholwa, Uzokwenza.

Inkathazo yenhliziyi na? Qhubeka nje uhamba, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu ngokungiphulukisa.”

Inkathazo ngeqolo lakho na? Uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi ngokungiphulukisa.”

O, uJesu uyamangalisa, Akanjalo na?

³¹³ Ucabangani ngakho uhlezi lapho, nenekazi elincane, ungibuka na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Khona-ke lowomfutho wegazi ophansi uzosuka kuwe.

³¹⁴ Inenekazi elihlezi emva kwakho ngqo, ucabangeni ngalokho, mnumzane, ngenkathi lilibuka na? Inenekazi elisemva kwakho ngqo, inenekazi elincane elifake izibuko, nawe ube nomfutho wegazi ophansi. Kunjalo. Ngenkathi bekubeka leyonto engalweni yakho, wakatshela ukuthi wawunomfutho wegazi ophansi. Kunjalo na? Uma kunjalo phakamisa isandla sakho. Ngazi kanjani ukuthi wakwenza na?

Amen. Uyakholwa kuYe na?

³¹⁵ Imithambo eqhansile, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa na? Kulungile. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Kulungile, awudingi ukulisebenzisa. Uphulukisiwe. Hamba, ukukholwe.

³¹⁶ Khona emuva lapho, isifo samathambo, uhlezi khona emuva lapho, owesibili ehlezi phakathi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakholwa na? Kwamukele. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Ngiyabonga, nenekazi, ngokusho njalo. Hamba, uphiliswe.

³¹⁷ O Nkulunkulu! Yini enye Angayenza na? Yini enye enga . . . ? Usevele uniphulukisile, Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu, yachotshozwa ngobubi benu. Manje, niyaqonda ukuthi yonke into injalo, kubonakala nje njengokuKhanya okukhulu nje kuso sonke isakhiwo sonke manje. Niyabo, a—angiboni lutho phandle lapho, nhlobo. Nje yi . . . Udumo! Uma benginga . . . Uma nje beningaqonda ukuthi lowo nguYe! Isimo . . .

³¹⁸ Wena uthi, “Mfowethu Branham, yini ekwenza u . . . ?” Ngeke ngakutshela. Kodwa leyo kwakuyimibono engamashumi amabili noma amashumi amabili-nanhlanu eyenzekile lapha emsamo, lapho owodwa waMenza waba buthakathaka,

bekungenzani kimi na? Niyawubona umusa waKhe na? Ufuna nonke nikukholwe.

³¹⁹ Niyakukholwa na? Niyakukholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Nizokwemukela ngenhliziyo yenu yonke na? Khona-ke sukuma ngezinyawo zenu, futhi niMemukele njengoMsindisi wenu, njengoMphulukisi wenu, njengomBhaphathizi wenu. Futhi ngininikela kuNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angathululela uMoya waKhe phezu kwenu. Phakamisani izandla zenu futhi niMnike udumo, futhi manje seniphulukisiwe. 🙏

61-0311 Ningesabi
ELyric Building
ERichmond, EVirginia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org